

**INGUQUKO
YEZIMALI ZAKHO**

Amandla Okuthembeka

GARY KEESEE

Mngane othandekayo kuKhristu,

Kungumkhuleko wethu ukuba insiza le eyisifundo ibe yisibusiso lenkuthazo kuwe! Khululeka ukwabelana labangane bakho, imuli yakho kanye lamalunga ebandla lakho. Futhi, sungaya ku FLNFree.com ukuze uthaphe ezinye izinsiza kanye lemfundiso mahala ngolimi lwakho.

UNkulunkulu uyakuthanda njalo Yena ulohlelo olumangalisayo ngempilo yakho! Ukufunda ukuthi uMbuso kaNkulunkulu usebenza njani kwaguqula impilo yethu yabangcono, njalo siyatemba ukuthi kuzakuba njalo lakuwe!

Ngothando kuKhristu

Gary lo Drenda Keesee



P.S. Khumbula ukuya ku website yethu yokuthapha mahala ethiwa FLNFree.com ukuze uthaphe ezinye imfundiso mahala ngolimi lwakho!

**INGUQUKO
YEZIMALI ZAKHO**

Amandla Okuthembeka

GARY KEESEE

Your Financial Revolution,

The Power of Allegiance. Ndebele. By Gary Keesee

© Gary Keesee, 2023

Originally published in English

ISBN: 978-1-945930-03-4

Faith Life Now

P.O. Box 779

New Albany, OH 43054, USA

You can reach Faith Life Now Ministries on the Internet at

FaithLifeNow.com

Inguquko Yezimali Zakho

Amandla Okuthembeka. Ndebele. Ngu Gary Keesee

© Gary Keesee, 2023

Olwadindwa kuqala ngesiNgisi

ISBN: 978-1-945930-03-4

Faith Life Now

P.O. Box 779

New Albany, OH 43054, USA

Ungaxhumana le-Faith Life Now Ministries nge-*Internet*

ku-FaithLifeNow.com

OKUMUNYETHWEYO

ISIQALO.....	5
ISINGENISO.....	7
ISIAHLUKO 1: Umbuso.....	21
ISIAHLUKO 2: Inkungu Eluhlaza Okwesibhakabhaka.....	69
ISIAHLUKO 3: Ngiyacela Nkulunkulu, Iba Lesihawu!.....	79
ISIAHLUKO 4: Inhlanzi Enkulu.....	111
ISIAHLUKO 5: Kwakulukhetho Lukabani?.....	123
ISIAHLUKO 6: Isibusiso Senkosi.....	165
ISIAHLUKO 7: Umnyango.....	187
ISIAHLUKO 8: Amandla Okuthembeka.....	197
ISIAHLUKO 9: Lina Banikeni Ukudla!.....	209
ISIAHLUKO 10: Butha, Ungagingqi!.....	225
ISIAHLUKO 11: Ukuphapha Kulula Kulokuhamba!.....	233

ISIQALO

Sokudlule iminyaka emilutshwane ngifuna ukuloba uhambo esalungeniswa nguNkulunkulu mina lomkami uDrenda. Impilo zethu sezaguquka! Sesibone ngamehlo ethu zonke izimanga ezenziwa nguJesu eBhayibhilini iminyaka isedlula: abafileyo bevuswa; abagokekileyo besukuma, bahambe, babuyele emsebenzini ngosuku olulandelayo; inengi lisiliswa; lezimali zibuyiselwa kumakhulu enkulungwane zabantu. Kodwa izimanga ezinkulu esesizibonile zayenzakala kweyethu imuli lakwezethu impilo.

Injongo yami yikukuqalisisa uhambo, uhambo lokutholisisa engithemba ukuthi luzaguqula impilo yakho ngendlela olwaguqula ngayo eyami. Indaba yakhona ngeke yanele kugwalo olulodwa. Lolu lugwalo lwakuqala kuhlelo lwezingwalo ezimbalwa oluzakuqondisa kunguquko yezimali zakho futhi luveze izimfihlo zoMbuso kaNkulunkulu ezaguqula impilo yami. Kimi, luhambo olumnandi olungasoze luphele. Sizaqhubeka sifunda! Ulwazi loMbuso kalupheli.

Ngiyambonga uNkulunkulu. Isihawu Sakhe siba sitsha nsuku zonke, njalo Yena ulokubekezela kanye lothando. Kangingeke ngikuqalisise uhambo lolu ngingakhulumanga ngonkosikazi wami omangalisayo, uDrenda. Yinhliziyu alayo ngoNkulunkulu kanye lokungibekezelela okwanginikeza isibindi sokumelana

lobuthakathaka bami ngidinge uNkulunkulu ukuze ngizuze
impendulo engangizidinga. Ngabelana lawe ngenjabulo enkulu:

Inguquko Yezimali Zakho
Amandla Okuthembeka



ISINGENISO

Ngincitshiwe ukuthula; angisakwazi ingabe iyini impumelelo.

— Izililo 3:17

Ngavuka ngisazi ukuthi kukhona okwakukubi, okwakukubi kakhulu! Inggondo yami yagcwala ukwesaba okukhulu ngivuka. Ulimi lwami ngangingaluzwa. Izandla zami, inyawo, kanye lecele lobuso bami kwakungelamuzwa. Ngavusa uDrenda ngazama ukumtshela okwakusenzakala ubuso kanye lolimi kwakusala ukutsheda. Ngasenginanzelela ukuthi inhliziyo yami yayigijima lokuphefumula kunzima lapho ngizama ukumazisa ngesimo engangikuso. Wahle wavuka waqala ukungikhulekela. Kancane, imizwa engaqedakaliyo leyokwesaba yaqala ukwehla nje mbijana. Ngabuyela ngalala embhedeni uDrenda wathi usayangiphathela okokudla. Ngangididekile njalo ngisesaba lokho okwakusenzakala emzimbeni wami ngilele lapho ngithandaza. Ngaba lokwethuka; ukwesaba engangingazange ngike ngibe lakho impilo yami yonke kwakukhona kuzahlasela ingqondo yami.

Isikwelede engangiphila kuso kanye lesidingo semali esasingapheli kwasokungenze ngajayela ukuhlala ngilokwesaba empilweni yami nsuku zonke. Ngangihleli ebunzimeni obukhulu okweminyaka emilutshwane eyayedlule ngenxa yesimo sezimali zami esasisibi

kakhulu. Ngangithola imali ngokuthengisa izinto zabanye besengiphiwa okuthile ngakho kwakungasizi isimo sami semali. Sasihlala endlini encane emapulazini eyayakhwa kubo 1800 eyayikhanya sengathi yayingakaze ilungiswe lokhe yayakhwayo. Ngingabe sengisiba lehaba kancane, kodwa yayingekho esimeni esihle leyo ndlu. Amafasitela ayelezikhala ezazifohla amaluba ayekhula engena endlini. Amanengi ayefile amafasitela, njalo sasiwabophe sawavala ngamakhadibhokisi. Noma yayimbi, uDrenda wayeyenelise ukwenza kube likhaya lethu. Kodwa ke noma wayezame ngobungcitshi bakhe bonke, kwakumgceke ukuthi indlu le yayilenkinga.

Konke esasilakho kwakusesimeni esisodwa esifanayo—kwakuqamukile! Imota zethu zombili zasezindala, sezahamaba amamayela ayedlula angu 200,000, sezivuka nzima. Amadodana ethu amabili ayelala kumatilasi owawulahlwe ngabendlu egcina izigoga lalabo asebegugile, phansi ekamelweni labo lokulala kwakulecansi esasilidobhe eceleni komgwaqo ezibini. Sasithenga okwakusetshenziswe ngabanye, njalo sasiboleka kuwo wonke umuntu owayekhanya engasisiza. Sasiphilela elamhlalokho, sidinga noma yini esasingayithengisa, sizama ukuphila, silethemba lokuthi kusasa kwakuyakuba ngcono.

Amakhadi ami awebhanga ayeselezinyanga ecitshiwe, izikwelede ezintathu ezazikhula nge 28 *percent*, zazifuneka. Imbhadalo yezimota zami (yebo, ngangingaqedanga ukuzihlawulela zaze zaba zindala) ngasengiphuze ngamalanga angu 120 ukuzibhadalela ngakho kwasokusele ukuthi ngizithathelwe. Konke okwakumele kuhlawulelwe kwakungahlawulelwanga ngesikhathi. Amaphepha okuthathelwa impahla ngasengiwaphiwe, lababefuna ukuzothatha imali babengivusa nsuku zonke ekuseni. Ngangilemali ye *IRS*, labo babenginike amaphepha awokungithathela impahla ngenxa

yemithelo. Mina loDrenda sasesile \$26,000 yabazali bethu, labo basebekhathele ukusincedisa. Isiqandisi sethu sikagetsi sasihlala singela kudla. Amagetsi ethu ayehlala efuna ukucitshwa ngabanikazi bawo, phose nyanga zonke, Ngasengifike ekucineni kwemizwa yami.

Ubunzima lobu basobusenza okunye emzimbeni wami engang-ingakuzwisisi. Ngemva kokubona omongi abambalwa, bonke bathi ngangihlaselwe yikwethuka banginika umuthi wokwehlisa ukutshaya kwenhliziyo. Ngokubi ke, ukuhlaselwa lokhu kwaqhubeka kusenzakala kanengi okokuthi ngasengisesaba lokuphuma endlini. Ensukwini lezi ezazigcwele ukwesaba, ngazidinga impendulo. Ngaqala ukunanzelela ukuthi okunye ukudla okuthile, okwakuletshukela, okwakufana njalo lesinkwa, kanye lokunye okunathwayo, kwakungenza ngihlaselwe yiso isifo sokwethuka lovalo. Ngakho khathesi ngasengisesaba ukudla ukudla okuthile senginanzelela kakhulu konke engikudlayo. Impilo yami yaba njengeyalowo ongaphansi kwesibopho okokuthi ngangingasanelisi ukusebenza, okwacina kusenza isimo sezimali sibe nzima.

Umkami wayecabanga ukuthi uselahlekelwa ngumyeni wakhe, wazongitshela sengisilile ukuthi wayesekade eqale ukucabanga indlela ayezasala egcina ngayo abantwana. Ngakhala kuNkulunkulu ngidinga impendulo njengoba ngangingela lwazi lwalokho engangisilwa lakho. Omongi babengitshela amabala amakhulu bezama ukuchasisa lokho engangikugula, besithi kwakungalapheki njalo ngasengizaphila ngokunatha imithi. Abanye omongi babesithi ngasengisiba lesifo setshukela, bethi bazangisebenzisa ukuhlaziya eminye imithi yabo lapho umkhuhlane uqina lami ngisiba mdala.

Noma ngangingumKhristu, ngangingela lwazi ngempi zikamoya noma ukumelana lezitha. Eqinisweni, kulesi isikhathi

ngangingakakwazi ukuthi ngangisilwa lomoya wedimoni. Ngangicabanga ukuthi ngangilenkinga emzimbeni kuphela ngakho ngangilokhu ngicela uNkulunkulu ukuba angisilise. Njengom-Khristu, ngangisazi ukuthi uNkulunkulu yiyo impendulo yami, kodwa ngaleso sikhathi kwakuzwakala sengathi uNkulunkulu ukhatshana. Omongi ababengihlola babethola amabizo ayehlukeneyo awomkhuhlane owawungiphethe, onke esondela eduzane lemikhuhlane yengqondo elapheka ngokunatha amaphilisi athile. Njengoba ngike ngatsho, kwakungekho okwakungangilapha ngisile, kwakukhona kuphela imithi yokungincedisa ngesimo sami sengqondo. Amaphilisi lawo ayengigulisa, ngokunjalo, akukho sizo engangiluzuzwa kuwo. Ngempela, wona ayengezelela ukugula kwami. Ayengenza ngizizwe angani ngihlala phakathi kwenkungu, ngihlukuluzwa yimicabango yokwesaba engangingenelisi ukuyiqondisisa. Ngangingela mpendulo, njalo akukho okwakusiza. Lokhu kwaqhubeka okwamaviki ambalwa, isidingo sami saqhubeka sikhula njalo ukwesaba kwasokuthethe impilo yami.

Kwathi ngobunye ubusuku, ngaba lokubhobokela lapho ngidinga impendulo kuNkulunkulu. Ngathola isihluthulelo esikhulu esenkululeko yami. Ngangisesontweni yakwethu enkonzwani yangoLwesithathu ebusuku. Ngesikhathi kuhlatshelwa ingoma zendumiso, kwangibamba ukwethuka lokhuyana. Ngaswela ukuthi ngenzeni. Ngangidinga usizo, njalo ngahle ngabakwazi ukuthi ngidinga ukuthandazelwa, ngakho ngaqala ukuhamba ngisiya phambili. Noma ngangiphambanisa uhlelo lwenkonzo, kangizange ngibe lendaba. Ibandla lethu lalilikhulu ngakho umfundisi wayengangazi mathupha, kodwa omunye wabahlabeleli wayengazi. Ngathi ngizama ukuzihudula ukuthi ngiye phambili, kwamiswa yonke into abantu bonke bangikhangela. Umhlabeleli lowaya

owayengazi wasukuma masinya lapho ebona omantshingelane besiza phambili bezongisusa.

Wathi esetshela umfundisi indaba yami, ngabona ubuso bukamfundisi butshwaphuluka. Wangilanda wazongithandazela. Umngane wami lo wayetshela umfundisi ukuthi kwasokukade ngigula. Umfundisi wangikhangela wathi, “Ulomoya wobuthakathaka.” Ngalokho, wangibeka izandla wakhuza lowo moya ukuba uhambe. Khonapho kwahle kwenzakala into emangalisayo—ngasengikhululiwe. Okwakuqala ngemva kwezinyanga ngazizwa ngikahle, ngingela minakano ecindezelayo, ngingela kwesaba, ngilokuthula okujulileyo. Ngingathi ngangigcwele ukubonga kuyabe kuyikuswela amazwi. Ngingathi ngangigcwele intokozo lakho ngiyabe ngingachasisanga kuhle indlela engangizizwa ngayo. Ngaba ledlabuzane, elomuntu oyethulwe umthwalo, ngangcwele injabulo.

Ngemva kwesonto, mina loDrenda sahamba saya *ePizza Hut* labanye abangane sithakazelela isenzakalo lesi. Ngathi ngihleli lapho ngisidla i-*pizza* yami, ngiyakhumbula kulengoma eyaqala ukukhala kuwayilesi, khonapho nje, ngezwa njalo ukugula lokhuya okuza lokwesaba kungembathisa njengengubo—kwasokuphen-dukile. Futhi, ngaleso sikhathi ngazwisisa ukuthi kwakungumoya. Umfundisi wayethe kwakungumoya wobuthakathaka, Kodwa ngangingakwazi ukuthi wayesitshoni ngalokhu, ngadideka kancane. Ngangicabanga ukuthi ngangisilile kuleya nkonzo, kodwa kwasokukhanya ukuthi kwakungenjalo. Ngelanga elalandelayo ngasengisilwa lokuhlaselwa yikwesaba futhi, Kodwa kwakunzima ukwekela ukucabanga ngalokho okwakwenzakale esontweni izolo. Umfundisi aze angithandazele, akazange athandaze ukuthi ngisile. Wayebeke amandla phezu komoya. Ngenxa yokuthi isimo sami sasabela lapho umfundisi esikhuza kwabasobala ukuthi mhlawumbe

kwakungumoya hatshi isifo. (Usukubona futhi njalo, ukuthi ngangisase ngumKhristu olusane owayesehluleka ukunanzelela lokhu.) Ngaleso sikhathi, ngangilolwazi oluncinyane mayelana lempi zikamoya, Kodwa ngangikwazi ukuthi amadimoni akhona. Ngangike ngalibona.

Ebutsheni bami, ngangibe lesikhundla sokuphatha isitolo esisodwa kwezimbili *eze-pizza* ezazingezabazali bami. Ngobunye ubusuku, kulendoda eyabuya yangitshela ukuthi yayisenza imvuselelo ebandleni leMethodist eliseduze kwethu. Wanginxusa enkonzweni. Waqeda isimemo sakhe ngokuthi, “UJesu lokhe esenza izinto ayezenza eBhayibhilini.” Lokho, kwangikhangela. Mina ngakhulela esontweni. Nganikela inhliziyi yami kuyo iNkosi siseSikolo seBhayibhili eseKhefa ngikuzinga lesihlanu esikolweni. Kodwa ngangingakaze ngibone amandla esilisa umuntu eminyakeni yonke, akulanto eyayikhanya egcekeni ukuthi le yinto eyenzakale ngenxa yamandla kaNkulunkulu. Lokhu kwayenza ukuthi impilo yami iphambuke ezintweni zeNkosi ngokuya kweminyaka. Isedlula leyo minyaka, ngangizinikela ukuthi ngizabuyela esontweni, kodwa ngangiphelelwa luthando endleleni. Kodwa indoda le yakhuluma into entsha kimi njalo ehlukeneyo. UJesu wayelokhe esenza izinto ayezenza eBhayibhilini? Ngangifisa ukukubona ayekhuluma ngakho. Izisebenzi zami ezinengi zazisonta ebandleni lelo, zangikhuthaza ukuthi ngihambe, ngacina ngivuma.

Ngobusuku bakuqala ngilapho, ngezwa ubukhona bukaNkulunkulu ngendlela engangingakaze ngibuzwe ngayo. Kwakungathi ubukhona bukaNkulunkulu obabulapho; babubambeka. Intshumayelo eyanikezwayo yayilamandla, kwathi kubuzwa ukuthi wayekhona na owayefuna ukunikela noma ukubuyisela impilo yakhe kuJesu, ngaphakamisa isandla sami. Habe! Ubusuku

obunjeya. Ngagcwala intokozo. Ngangifuna ukutshela umuntu wonke ngobuhle bukaNkulunkulu.

Kulawo malanga, kwakungela *-Internet*, kungela ma-*CD* noma amakhasethi, omabonakude babeleziteshi ezintathu kuphela. Idolobho lethu lalilincane, ngakho kwakungekho okunengi umuntu ayengakwenza angatshayisa emsebenzini. Ngakho abantu abatsha babejwayele ukuzozilibazisa esitolo se-*pizza* kuze kube sebusuku. Sasandise ukuvala ngo 1:00 ekuseni nxa kwakungoLwesihlanu kumbe uMgqibelo, njalo lapho okwakupaka khona izimota kwakuyabe kugcwele phamu abantu abatsha. Esikhathini esinengi ngangicina ngibaxotsha, ngoba babesenza kubenzima ukuthi abathengi bami bathole indawo yokutshiya ezabo izimota. Kanengi ebusuku abatsha laba babexakululwa ngamapholisa sebeqale ukulwa baxotshwe baye emakhaya. Kodwa khathesi ngasengilecebo. Abatsha laba kwakumele bazwe ngoJesu. Ngakho ngaphuma ngabatshela ukuthi nxa ekhona phakathi kwabo owayefuna ukuhlala, ngangizakwenza isifundo seBhayibhili phakathi kwesitolo se-*pizza* ngemva kokuvala. Khumbula ukuthi, lokhu kwakuzayenzakala ngabo 1:30 ekuseni, ngoba phakathi kuka 1:00 lo 1:30 kwakumele silungise sitshiye indawo ihlanzekile. Ngangingazi lokuthi babezabuya yini, kodwa uyazi, abanye babo babuya, lezinye izisebenzi zami lazo zabuya. Ngobusuku bakuqala size sibe lomhlangano, omunye wabatsha laye wathi ufuna ukukhonza uKhristu wasengibuza ukuthi wayengayenzani. Khathesi, lokhu kwaba yinkinga enkulu ngoba lokho ngangingakakucabangisisi. Khumbula, akukho engangikwazi ngeBhayibhili, kodwa ngangifundile umbhalo owawungani ulempendulo engangizidinga.

Wonke umuntu obiza igama leNkosi uzasindiswa.

— Imisebenzi 2:21

Kwakukhanya kulula, ngakho yikho engacina ngifuna ukukwenza. Iqembu laselisukile lapho ngize ngilandwe ngulo omutsha elombuzo, ngakho ngamtshela ukuthi ahlale phansi esitulweni atsho igama likaJesu. Ngangisithi yinto elula, kodwa ngahlala lapho okwemizuzu emibili, yena akazange atsho lutho. Ngaphinda njalo, ngisithi mhlawumbe wayengangizwanga. Lutho nje. Ngananzelela ukuthi wayeseqhuqha. Ngabona njalo ukuthi ukutsho leli igama kwakumhlupha. Khonapho, njengokudubuka kwedamu, wabiza igama likaJesu. Ubuso bakhe behlelwa yikuthula. Ngingathi, kwasebenza! Ngasengizakwenzenjalo sonke isikhathi nxa umuntu efuna ukunikela inhliziyo yakhe eNkosini. Ngangiyamhlalisa esitulweni akhulume igama likaJesu. Phose bonke, babesehluleka ukulikhuluma masinyane. Babeqala ukuqhuqha, besebezama, ngobunzima, baphumisele, behlelwe yikuthula.

Ngelinye langa ngangisemuva kwesitolo ngihlanganisa impuphu yesinkwa, ngezwa umuntu eqoqoda emuva. Ngathi ngivula umnyango, ngananzelela abantu abatsha ababili engangike ngabatshela ngoKhristu. Ngabanxusa bangena, omunye wabo wathi wayefuna ukunikela inhliziyo yakhe kuNkulunkulu. Ngakho ngamhlalisa phansi esitulweni; njengenjwayelo, waqala waqhuqha waselibiza igama likaJesu. Ngathi ngivusa ubuso, ngabona ukuthi omunye wakhe wayesetshede khatshana lami wayazibandezela emdulwini njengenyamazana evalelweyo. Wayengani uzama ukufuqa umdulli ukuthi atshede le khatshana lami. Lokhu kwakungajwayelekanga, njalo ngangingeke ngikuchasise.

Ngathi ngilokhu ngimile lapho ngimkhangele, ngafikelwa ngumcabango, “Kungaba lidimoni na.” Khathezi ke, mina okwamadimoni ngangingakwazi, kodwa ngangifunde ngawo eBhayibhilini. Asikho esinye isizatho engangisibona sifanele izenzo zakhe.

Ngakho ngathi, “Jesu, lidimoni yini leli?” Khonapho, njengomambule owayedonselwa emuva, ngabona idimoni lime eceleni kwalo umfana. Lalilide okwama-*feet* amathathu, lalimnamathele umfana lo liphakamise inyawo. Abantu bahlala bengibuza, “Lalibukeka njani?” Lalifana lenkawu, lilezanda ezinde ezifana lezenkawu, Kodwa lilamehlo acazimulayo, abomvu njalo lingela similo. Ngathi ngibona amehlo alo, ngaklabalalela phezulu. Inzondo eyayisemehlweni alo yayingikhulela. Indlela enhle eyokuchasisa lokho engakubona kulawana amehlo ngingathi yinzondo egelezayo, inzondo ephuphumayo eyayingathi ingabambeka. Ngabakwazi khonapho ukuthi into le kayisikho ukuthi yayingangithakazeleli nje kuphela kodwa yayingizonda.

Khathesi ngangiyakuthini? Ngangingasakwazi okokwenza ngemva kokubona into le. Kodwa ngacabanga ngathi nxa ibizo likaJesu lisenelisa ukusingenisa eMbusweni, kutsho ukuthi lilamandla phezu kwedimoni leli, ngakho ngamemeza ngathi, “Ngegama likaJesu.” Khonapho, umambule wahle wavaleka. Nxa ukhumbula omabonakude bakudala ababelombala omnyama lomhlophe, wawuthi ungacitsha, umfanekiso walokho owawukade ukubukele wawufiphala kancane uze uphele. Ngakho ke, into le yayinjalo. Ngangingaboni kahle, kodwa ngangibona isithunzi esasikhanyela khatshana. Umambule wathi uvaleka, umfana lo wagijima waphuma phandle.

Ngakho, yebo, ngangisazi ukuthi amadimoni akhona. Ngifisa ukuthi ngabe ngiyenelisa ukutsho ngithi lapho sengikwazi ukuthi inkinga yami kwakungumoya, ngamelana lawo ngathola inkululeko kusukela lapho. Kodwa lokhu akuzange kwenzakale. Kulusizi, ukuthi ngemva kokuba esontweni okweminyaka yonke leyana, ngang-ingazange ngithole isikhathi sokufunda engangiyikho kuKhristu

ukuze ngisebenzise amalungelo ami phezu kwesitha. Kodwa manje njengoba ngasenginanzelele kumbe ngithi sengicabangela ukuthi ngangilwiswa ngumoya, ngakhuthazeka ukufunda indlela yokunqoba. Ngangikwazi okwaneleyo ukuthi idimoni kwakumele lingilalele, kodwa ngangidideka ngoba lona lalingalaleli. Ngemva kwamalanga amalutshwane, ngaba lesinye isehlakalo esiqotho esangenza ngabona ukuthi inkinga yami kwakungumoya.

Ngangisekamelweni lami lokulala ngikhuleka ngiphakathi komoya njalo ngangizimisele ukuchitha isikhathi ngikhuleka ukuze ngithole impendulo mayelana lalokho okwakusenzakala. Ngiphakathi komkhuleko lo, ngezwa ngingani ngiyayekelwa ngaba lokukhululeka okukhulu, njengalaphayana ngize ngithandazelwe ngumfundisi. Ngakhululwa okwamahola amabili ngalobo busuku kwasokuphenduka, khathesi ke ngasengileqiniso ukuthi ngempela umoya ongilwisayo wawubalekiswe ngumkhuleko. Ngazama ukukhuleka njalo kodwa akuzange kwenzakale lutho. Ngakho ngaqala ukubala noma yini engangingayibamba eyayimayelana lezimpi zikamoya futhi ngachitha isikhathi esinengi ngizikhumbuza ukuthi ngingubani kuKhristu. Noma kunjalo kwakungela nguquko. Khonaphana ngize ngikhuleke umoya lowana wangekela okwama hola nje yikho kuphela engawubona khona usabela amandla ami. Ngadideka ngaqala ukucelisisa iNkosi ukuba ingitshela okwakumele ngikwenze. Noma ngangisehluleka ukuthola inkululeko ephelileyo, ukwethuka okwakungihlasela kwakungasangibambi lokugogeka kwakungasekho. Ngakho kwakubekhona ukunqoba okuthize okukhulu. Ngangilokhu ngisalwa lemicabango yenhlungu lokudangala, kodwa ngangileqiniso lokuthi ngangisiba ngcono. Ngangichitha isikhathi nsuku zonke ngifundisisa lokho okwakutshiwo liBhayibhili mayelana lamandla ethu kuKhristu.

Ngeyinye imini ngangilwisana lomuzwa engangiwayejele owokwesaba nxa ngisebenza ehofisini yami. Ngangizamile ukuthandaza ngixotsha umoya wokwesaba ukuba uphume kodwa kwakungasebenzi, njengenjwayelo. Khonapho, ngezwa ilizwi leNkosi. Yona yangitshela ukuthi ngikhuze umoya uhambe, ngikhweze ilizwe, ngikhulume ngamandla. Yona futhi yangitshela okunye okuthile okwaguqula indlela engangibuka ngayo amandla kwezomoya. Yathi ngingalalelisisi imizwa yami nxa ngikhuza ulutho ukuthi luhambe, njalo ngime eLizwini Layo, hatshi ukuma kulokho engangikubona njalo ngikuzwa. Ngangisebenza ngisehofisini, ngakho ngangingeke ngimane ngisukume ngiqale ukukhwazela usathane njengoba kwakugcwele izisebenzi zami. Ngakho ngasukuma ngaya endlini encane ngakhulumela phezu ngathi, “Ngegama likaJesu, ngiyakubopha, wena moya wokwesaba. Okwenzayo akukho emthethweni, njalo ngyakukhuza ngithi phuma khathesi, ngegama likaJesu.” Ngitsho, akuzange kwenzakale lutho. Kodwa ngakhumbula engangikutshelwe yiNkosi, “Ungalalelisisi imizwa yakho.” Ngakho ngabonga iNkosi ngalawo mandla eyayingiphe wona phezu komoya lo, ngaqala ukudumisa uNkulunkulu ngokukhululwa kwami, Ngabuyela ehofisini ngayasebenza. Ngisahleli etafuleni, noma kwakungekho okwakuzwakala kuguqukile, ngangilokhu ngibonga iNkosi ngokukhululwa sonke isikhathi ngingazizwa sengihlaselwa yikwesaba. Ngathi ngisaphethe omunye umsebenzi wabathengi bethu, ngezwa ubukhona bukaNkulunkulu busehlela phezu kwami, ngabona iyezi elimnyama, lisuka kimi lichitheka ngophahla lwehofisi yami.

Lapho ngasengikhululiwe!

Umoya wedimoni owokwesaba wawusuhambile, noma

wawuzaphenduka, ngasengisazi indlela yokumelana lawo. Ngajabula kakhulu! Ngatshayela uDrenda ucingo ngamtshela ngalokho okwakusanda kwenzakala. Wahle wathi uyeza kimi, sazijabulisa ngesidlo semini kwelinye ivinkili lamaChina (engangilithakazelela). Kwakuzamele ngiqhubeke ngimelana lomoya wokwesaba kanengi kusuka kuleli ilanga ngoba amadimoni kawadinwa lula. Futhi noma idimoni laselihambile, ukuxubana kwendaba zami zezimali kwakungakapheli. Ngakho ukwesaba kwakuhlala kufuna ukungihlasela ingqondo ngenxa yezimali, ngakho kwakudingeka ukuthi ngifunde ukukhuza ingqondo yami ihlale ilokuthula.

Zikhona ezinye izimpi okwakumele ngilwe kuzo njalo ngifunde ngazo kweyami impilo, izifundo zikamoya mayelana loMbuso kwakusazamele ngizibambe, kodwa isizatho esenze ngafuna ukukutshela ngendaba le yikwenzela ukuthi uzwisise ukuthi inhlupho zemali zingathinta njani impilo yomuntu zimenze afinyelelwe yikwesaba okuhlukumezayo.

Ngifuna ubekwazi ngeqiniso ukuthi lami ngake ngadlula kukho.

Ngakho noma ukhangелane lobunzima obungakanani namuhla, ithemba likhona. Ngiyafisa ukuhti ngabe ngabakwazi ngoMbuso kaNkulunkulu masinyane. Kuyadanisa ukuthi mina loDrenda saphila phakathi kwengxabangxoza yezimali okweminyaka eyisitshiyagalolunye khona kwakungafanelanga!

Ngokubi ke, isimo sethu esibi esezimali kwakungayisilo thonsi phakathi komfula, sona sasiyiwo umfula. Yindlela esasiphila ngayo. Iminyaka eyisitshiyagalolunye eyokuhlala sicela, leenzakalo eziyangisayo ezifaka amahloni. Izenzakalo engangizazilibala. Makabusiwe umkami! Kunengi ayekumela kuleyo minyaka. Yingakho namhlanje ngizama ukumbusisa ngingathola nje ithuba. Njengendlela iNkosi eyayingifundise ngayo ukumelana lomoya

wedimoni owokwesaba, Yona yaqala njalo ukungifundisa indlela yokuphatha izimali zami ngendlela zakomoya. Lokho esakufundiswa nguNkulunkulu mina loDrenda, lalokho Yena asitshengisa khona mayelana lezimali zethu, kwaguqula impilo yethu ngendlela emangalisayo okokuthi sesizinikele ukuchitha impilo yethu yonke sisiza abanye ukuba babambe imfundiso efanayo.

Mina loDrenda sasuka ekubeni ngabantu abangela mali saba ngabantu abafika bathenge imota ngemali epheleleyo, sayakha umuzi esasiwufisa kungala sikwelede, saqala inhlanganiso ezimbalwa, savula umsakazo kamabonakude owansukuzonke othiwa-*Fixing The Money Thing* owawusakazwa ngezikhathi ezehlukeneyo umhlaba wonke jikelele. UDrenda laye waqala umsakazo owawuthiwa ngu-Drenda owawusakazwa nsuku zonke ku-*ABC Family* ukuze usize imuli zithole indlela zokuphila lokukhuthaza omama. Sezwa uNkulunkulu esikhokhela ukuba siqale i*Faith Life Church*, lapho esifundisa khona inkulungwane zabantu mayelana loMbuso kaNkulunkulu amaviki onke. Khathesi sokudingeka izigidi ukuba senze esikwenzayo, ukuze senze okukamabonakude kudingeka imali eyedlula \$200,000 ngenyanga ngesikhathi ngiloba lapha. Akukho kulokhu, ngempela, okwakungayenzeka ngabe uNkulunkulu wayengasifundisanga lokho esifisa ukukufundisa khona kuhlelo lolu lwezingwalo. Kangifuni ulukhangele ugwalo lolu njengolunye nje ugwalo lwezimali. Akusilo olunye nje ugwalo olukufundisa indlela zokuchitha imali, noma nje lokho kukhuthazwa njalo kudingeka. Akusikho kuvuselelwa kwalokhuyana okwakudala, “okwemali engeneliyo,” ngakho yikuyini okumele ukutshiye okuchitha imali.

Hatshi, lolu lugwalo lwenguquko, ukuhlamukela uMbuso wobumnyama lobuyanga. Lugwalo olumayelana lokuxotsha

izibopho zikahulumende olokungcola sithatha indlela yempilo entsha. Impendulo yami akusiso sixwayiso semali esijwayelekileyo. Ngathola ukuthi ngangidinga utshintsho lwezezimali olupheleleyo:

INGUQUKO YEZIMALI!

ISAHLUKO 1

UMBUSO

Ngabelane lawe kusingeniso indlela impilo yami eyayigalula ngayo phakathi kokuhlukumezeka lokwesaba. Ngakho ngikholwa ukuthi kuqakathekile ukuba siqale uhambo lwethu ndawonye ngomutsho lo okumele uwuzwisise ngeqiniso. UNGAFUNDI UKUPHILA LOKWESABA! Ukwesaba kuvulela amadimoni amasango okukuhlasela, ngodideka, lokudangala, njengoba sike sakubona kusenzakala kweyami impilo lasempilweni zabanye abayizigidi. Ngikholwa ukuthi izimali ezixubeneyo yizo ezivula amasango okwesaba empilweni zabantu. Sengileminyaka engu 34 ngincedisa abantu ngezimali zabo ngenhlanganiso yami ehlela izimali, njalo sengathola ukuthi ngiyabe ngingasuye yedwa umuntu abamaziyo owayeke waba lenkinga zemali kumbe olenkinga zemali.

Eqinisweni, lapho ngiphenya, ngathola ukuthi i-23% yabantu base-America iyehluleka ukuhlawula okuncane kwemali edingekayo ukuze basuse izikwelede zabo njalo lokhu betshelela bengananzeleli isimo semali zabo.¹ Yingxenye yabantu abaselizweni eyodwa kwezine! Izigidi ezingamatshumi amane lasikhombisa, eziyingxenye eyodwa

¹ Tracy Turner, "Debt Is People's Biggest Worry...Finance Problems Rank Higher Than Terrorism and Disasters." *The Columbus Dispatch*, 2006.

kweziyisithupha, ziphila ngama-*stamps* okudla, njalo imuli eziyis-
itshiyagalombili phakathi kwezilitshumi ziphilela elamhlalokho.²
Kangisoze ngikhulume ngesikwelede selizwe esezigidigidi zamadola
ezingu 18 esingasoze sahlawulelwa. Kangisoze njalo ngikhulume
ngemisebenzi yelizwe edinga izigidigidi zamadola ezingu 120
okungayazakaliyo ukuthi leyomali izavela ngaphi.³ Siphila elizweni
elilenkinga zemali ezinkulu! Engakuthola empilweni yami yikuthi
inkinga zemali kunye lenhlupho zayo zenza ukwesaba kube
yindlela yempilo.

Kodwa zikhona impendulo! Ungakhululwa! IBhayibhili liyacaca
mayelana lalokhu: uJesu weza ukuzotshumayela indaba ezimnandi
kwabampofu!

*UMoya weNkosi Yobukhosi uphezu kwami, ngoba
iNkosi ingigcobile ukuthi ngitshumayele izindaba ezinhle
kwabampofu.*

— U-Isaya 61:1

Indaba ezimnandi emuntwini ompofu ngezithini? Yikuthi senga-
khululwa! Namhlanje, ungabe ungazi ukuthi lokho kungenzakala
njani. Lami kwesinye isikhathi empilweni yami, ngangingazi lutho.
Umcabango wokungabi le \$100 yomunye umuntu wawukhat-
shana okokuthi ngangingahleka ngabe kwakungayisiwo mcabango
olokudana okwesabisayo. Iminyaka leyana eyisitshiyagalolunye
ngiphila nzima yangibulala imizwa. Inhlupho zezimali zisithathela
konke okuhle. Ngingakhangela amabhayisikopo awendlu yethu
kuleyo minyaka, ngiba lamahloni. Ngiyazibona kubhayisikopo

² Brad Plumer, "Why are 47 million Americans on food stamps? It's the recession — mostly." *The Washington Post*, 2013.

³ Glenn Kessler, "Does the Nation have 128 Trillion in Unfunded Liabilities." *Washington Post*, 2013.

ngiphuma emoteni abantwana bami abaligugu bengigijimela ngemva kokuba losuku olude ehofisini. Babegijima babambelele ezinyaweni zami, bamemeze, “Sakubona, Baba!” Kubhayisikopo, ngangingabaphenduli noma ukubakhangela. Ngangiphethwe zinhlupho ngidangele okokuthi ngangin-gananzeleli okuqakathekileyo.

Isimo sengqondo yami kuleziyana izinsuku singikhumbuza okuthile engaku-funda lapho ngifundela ukubhukutsha. Nxa ekhona osegalula osememeza ecela

uncedo, kumele uqaphele kakhulu ungakayi siza. Kungani? Umuntu lowo uyabe ezicabangela ukuphila kuphela ngakho usengakud-onsela lawe emanzini engajonganga. Yiyo indlela engangiyiyo yona, ngangifana lesidumbu esihambayo nje esingela mpilo, ngisenza konke nje kungela mizwa phakathi. Njengomyeni, ngangisehluleka umhloliso. Njengobaba, ngangiwehluleka umhloliso. Njengo-nakekela imuli, ngangisehluleka umhloliso. Impilo yami yayinge-lamizwa, kungelambono, njalo igcwele ukudangala.

E-Columbus, kwele-Ohio, kwakusakhiwa izindlu kulezo nsuku. Izindlu zaziphakama yonke indawo, njalo ngenxa yalokho, isigodlo sethu sasisenza uMbukiso weZindlu okweminyaka eminengi ilandelana. Nxa ungazi ukuthi lokho yikuyini, kahle ngikuchazele. Umbukiso wezindlu liqembu lezindlu ezinhle ezakhiwa ngabakhi abehlukeneyo betshengisa ukwehlukana kobungcitshi babo, kanye leziceciso zezindlu ezintsha. Kuye wonke umuntu wakuleyo ndawo, lesi kwakuyisenzakalo esikhulu esasithakazelelwa zinku-lungwane zabantu. Kodwa ngangingawuthandi uMbukiso

**“UMOYA WENKOSI
YOBUKHOSI UPHEZU
KWAMI, NGOBA INKOSI
INGIGCOBILE UKUTHI
NGITSHUMAYELE
IZINDABA EZINHLE
KWABAMPOFU.”**

— U-ISAYA 61:1

weZindlu. Ngenxa yobumpofu esasiphila kubo, ngangingafuni uDrenda ahambe ayebuka lezo zindlu. Kwakungangiphathi kuhle ukwehluleka kwami kwezezimali; ngakho ngangingafuni umkami ahambe ayebona abesenanzelela kakhulu ubunzima esasikubo. Sengisazi khathesi ukuthi umbono wami lo wawulobuwula, kodwa ngalesiyana isikhathi, yiwo okwakungumbono wami. Ngangisazi ukuthi angahamba, uzayifuna laye indlu enhle. Ngakho iminyaka ilandelana, ngatsho ngathi, “Hatshi!” Kodwa ekucineni, komunye umnyaka ngavuma sacina sihamba sonke.

Izindlu lezi, njengoba ungabe usucabanga, zazikhazimula. Zazisenza eyethu encane eyama 1800 ikhanye njengendlu yemap-ulazini elahliweyo elindele ukudilizwa. Ngemva kokuba sesihambe phakathi kwezindlu zakuqala ezimbalwa sihamba nje eceleni komgwaqo, ngananzelela ukuthi uDrenda wayengasahambi eceleni kwami. Ngatshibilika ngimdinga, ngadana ngimbona elokhe emi endlini esasisanda kudlula kuyo. Ubuso bakhe bugeleza inyembezi. Ngabuyela kuye ngambuza umbuzo olobuthutha, “Yikuyini okungabe kuluhlupho?” Ngabuza noma ngangisazi impendulo. Yena wangikhangela nje wathi, “Eyami indlu ngizakuba layo nini”? Ingqondo yami yabhoda, “Indlu? Enjengalezi? Lezi ngezama \$500,000 kusiya ku \$700,000.” Ngangilokhu ngisadinga indlela yokubhadala i\$300 eyendlu yethu endala eyayifuneka nyanga zonke. Ngiyazi kuyadanisa, kodwa ngangingayiboni nje enye indlela yokuphuma, njalo ngehluleka ukunikeza unkosikazi wami omuhle oligugu, ithemba. Ukwesaba lokwehluleka kwakugcwele engqondweni yami njalo kukhanya ngaphandle. Kwakungaseyimi lo; injabulo yami yaseyayaphi, intokozo yami? Ngangisehluleka ukubona phetsheya kwenkinga zami zemali.

Kwakungaba ngu 2:00 kumbe 3:00 ekuseni ngiswela ubuthongo.

Ubuhlungu babuhlaba ubuso bami lomhlathi njengenalithi, njalo ngangidinga usizo. Kumahola angamatshumi amathathu lasithupha ayedlulile ngangelatshwe izinyo elaselixhwala ngakho ubuso bami babuvuvukile njenge-*balloon*. Ubuhlungu babungikhulela. Ngangikade nginatha i*Tylenol* sikhathi sonke ngemva kwamahola amane ukuze ingisize ngobuhlungu, kodwa yayingancedi kangako. Ngathi ngihleli ekamelweni lokuphumula, ngisehluleka ukulala nginatha njalo umuthi, ngathi mehlo suka ebhokisini le*Tylenol* ngafunda imilayo eyayilotshwe kulo. Hatshi ngoba ngangingakwazi ukuthi i*Tylenol* inathwa njani kodwa ngoba ngangingelakho okokwenza, njengoba sonke siyake sifunde ibhokisi lelambazi nxa sisidla ilambazi nsuku zonke ekuseni. Hatshi ngoba silendaba lakho okulotshiweyo kodwa ngoba yikho okuyabe kuphambu kwethu. Yebo, yebo, amaphilisi angu 2 ngemva kwamahola angu 4, kodwa lona lalisithini? Lalisithi akumelanga kunathwe amaphilisi ayedlula angu 10 kumahola angu 24? Inggondo yami yaphangisa yahlanganisa inani lamaphilisi ayenganathwa ngumuntu nxa wayenganatha sonke isikhathi ngemva kwamahola amane, njengendlela enganginathe ngayo kumalanga angu 2 ayedlulile—ngamaphilisi alitshumi lambili, ayedlula inani eliqondileyo ngamaphilisi amabili. Khonapho, isisu sami sabopha ukwesaba kwangibamba.

Iminyaka eyisitshiyagalolunye eyokuphilela elamhlalokho, ukwehluleka njengomyeni, ukwehluleka njengobaba, ukwehluleka ukugcina abanye kwasokungenze ngaba lemizwa esabaleleyo. Omongi babenginikeze imithi elapha ukudangala bethi mhlawumbe ingasiza. Kodwa akukho okwangisizayo. Ngathi ngihleli ngobusuku lobo ngibulawa lizinyo, kwasokusiba lusuku lwesibili ngingalali, futhi ubuhlungu babunzima okokuthi ngangingeke ngilale. Khathesi ke sengifunda okwakulotshwe ku*Tylenol*, ngabona ukuthi lukhona

olunye ulutho okwakusamele ngizihluphe ngalo, ukudlulisa isilinganiso se *Tylenol*. Ngangingakwazi ukuthi ngingadlulisa isilinganiso se *Tylenol* kwakuyakwenzekani kimi, kodwa ngangileqiniso lokuthi kwakungeke kube kubi kakhulu njengoba yayithengiselwa noma ngubani. Ngacabanga ukuthi babebhale izixwayiso ebhokisini ukuze balandele umthetho nje. Ngangingacabangeli ukuthi ukudlulisa isilinganiso ngamaphilisi angu 2 kwakungabangela indaba enkulu. Kodwa umoya wokwesaba wabamba ingqondo yami, ngakubamba konke lokhu, ngaqala ukuhlaselwa yiminakano eyokuthi “kungaba nje ke.” Ngakho ukuze ngipholise ingqondo yami, ngacabanga ukutshayela abe *Poison Control Centre* ucingo. Ngangileqiniso lokuthi babezakuthi akukho nkinga. Owesifazane owayengangale kocingo wayezwakala esazi umsebenzi wakhe aze aphenndule ucingo. Wabuza indlela ayengangisiza ngayo, ngamchazela ukuthi nganginathe i *Tylenol* ngemva kwamahola angu 36 ayedlulile, ngakho nganginatha amaphilisi angu 12 ngelanga kulangu 10 okwakuthwe angadluliswa. Ngamtshela ukuthi ngangitshaye ucingo ukuba ngizwe ukuthi ukudlulisa kwami ngamaphilisi angu 2 kwakungasoze kungiphambanise na. Kwaba lokuthula kancane, ngimuzwa ehlaba i-computer yakhe. Ngasengisizwa amazwi athi, njalo ngitsho ngendlela yena akutsho ngayo, “Mnumzana, kasikaze sibe lomuntu ophilayo onatha amaphilisi amanengi kangako.” Ngangizwe kahle na? Hatshi ngempela! Ngakho ngamchazela njalo ukuthi ngangedlulise isilinganiso ngamaphili angu 2 kuphela kumahola angu 24 njalo lokhu ngangikwenze okwamalanga angu 2.

Khathesi ke waphendula ngelizwi elaliqinisekile, “Mnuzana, njengoba ngitshilo, kasikaze sibe lomuntu ophilayo onatha amaphilisi amanengi kangako. Ngicela uye esibhedlela KHATHESI!” Ngathi ngizama ukumchazela futhi okwakuyenzakele, ngoba ngangileqiniso

lokuthi wayengezwanga kuhle, wangimisa wathi, “Uzaziletha na esibhedlela kumbe ngithumele imota yezigulane izokuthatha.” Ngathithibala! “Ngizaziletha lapho,” ngangagasa. “Uya kusiphi esibhedlela?” wangibuza. Ngamtshela wasebeka phansi ucingo.

Ngama lapho ngimangele. Kwakumele ngibe lomhlangano oqakathekileyo ngo 9:00 ekuseni, khathesi kwakungu 3:30 ekuseni. Ngananabela izitebhisi ukuyafika ekamelweni lami lokulala ngavusa uDrenda ngambikela. Wangikhangela ngokudumazeka. Umyeni wakhe wayeziphatha ngendlela engajwayelekanga njalo wayekade enjalo okwenyanga ezimbalwa, futhi wayesekhathele ngokuhlala kunguye obambanisa yonke into, khathesi ke lokhu kwasokuyini? “Gary, udlulise ngamaphilisi amabili. Ngeqiniso, uyazi ngcono kulokukholwa ukuthi angakubulala. Batshayele ucingo futhi,” watsho. Kodwa ngoba ukwesaba akunaki njalo kuyahlukuluza ngamphendula. “Owesifazane lowana uthe sengingafa; kumele ngiye esibhedlela.” Ngangimbona unkosikazi wami engikhangela ngelihlo elithi, “Yikudlala ke lokhu” lapho ngitshibilika ngiphuma ekamelweni lokulala.

Ngathi ngitshayela imota ngisiya esibhedlela, omnumzana ababili ababelamajazi amlophe babengilindele emnyango wesibhedlela. Ngathi ngimisa imota, bangilanda bathi, “Nguwe uGary Keese?” Ngokuphangisa bangisa ekamelweni lokwelatshwa. Ngathi ngidlula lapho okwakulotshwa khona izaziso esibhedlela, ngabona ibizo lami selilotshwe kudala. Kwakulotshwe ukuthi, “UGary Keese—wedlulise isilinganiso samaphilisi.” Kwangimangalisa. Ngamafitshane, umongi wathi esethethe igazi lami, wangena wathi, “Kungani ulapha? I*Tylenol* esegazini lakho kayeneli lokulapha ikhanda.” Ngathi sengimtshele indaba yami ye*Poison Control*, waqala ukuhleka. Mina kangizange ngibone okwakuhleka lapha

futhi kangizange ngihleke lapho kubuya intego yokwelatshwa eye \$2,000 ifuna ukuhlawulelwa. Usathane wayengithiyile efuna ukungitshontshela futhi.

Indaba lezi ngikutshela ngazo, kunye lesingeniso, ukuze ngikubonise lapho impilo yami eyayikhona ngingakawutholi uMbuso kaNkulunkulu. Yebo, ngangingumKhristu. Yebo, ngangikhupha okwetshumi. Yebo, ngangikhokhela indumiso kwelakwethu ibandla okwesikhatshana. Yebo, ngangimthanda uNkulunkulu. Kodwa kukhona okwakukubi, okwakukubi kakhulu! Ngike ngakutshela ngendlela engayifundiswa nguNkulunkulu ukuba ngilwe lomoya wokwesaba lendlela engazixakulula ngayo ekuhlaselweni yikwethuka kanye lakumithi yokudangala. Kodwa ngangingakakhululwa kulezo zimo ezazilethe impi yokwesaba ekuqaleni, isimo sezimali zami esasingelathemba! Ngangicindezeleka nsuku zonke ukuba ngithole imali ngibhadale inhlawulo zami, futhi ngangilamakhadi ebhanga alitshumi ayesecitshiwe, lemali ezazibolekwe kunhlanganiso zemali ezintathu ezehlukeneyo, isikwelede se-IRS, imali yezihlobo, lamaphepha ambalwa okubanjelwa impahla.

Njengoba ngike ngatsho, impilo zethu zaziphakathi kwengxabangxoza yemali. Inhlupho lokuxubana kwemizwa kwasokuyindlela yokuphila kwami. Noma ngangingumKhristu, sasisifa kwezezimali, njalo linye ngalinye, amakhadi ami ebhanga ayecitshwa. Incwadi zokubamba impahla zazithunyelwa, imvumo yokuboleka yayicitshwa, ababefuna imali zabo babehlala betshaya ucingo. Ekukhuphukeni kosizi lwezimali zethu, njengoba

**“UNKULUNKULU
WAMI UZAKWABELA
ZONKE IZIDINGO ZENU
NGOKUKHAZIMULA
KWENOTHO YAKHE KUJESU
KHRISTU.”**

— KWABASEFILIPHI 4:19

lebhizimusi lalingalethi mali eyanelayo, sasingasenelisi ukuthenga ukudla. Imuli yami yayihlala igombolozele isitofu senkuni idinga ukufudumala ngenxa yokuthi sasingenelisi amafutha okulumatha isifudumezi. Sasidingisisa phakathi kwezihlalo sisithi mhlawumbe singathola imali engamatshe eyayingabe iwele ezikhaleni sithi kumbe ingenela ukuthenga ukudla eMcDonald's ukuze sabele abantwana.

Ngasengikwazi kahle ukuthulisa abantu bezikwelede nxa bengangitshayela ucingo, kodwa ngelinye ilanga omunye wabo waqhatsha igqwetha ukuze lizolanda inhlawulo. Lona langithinta ngocingo njalo lalingelabuntu. Lathi kimi, “Ngifuna imali leyo kungakedluli amalanga amathathu kungenjalo ngizakubophisa.” Ngasengiqediwe. Ngangingasela macebo, ngangingeke ngiboleke, abangane bami bonke ngasengidlule kubo, njalo kulapha engabakwazi khona ukuthi ngasengiphelile, Ngakhasa ngaya ekamelweni lami lokulala ngawela embhedeni ngakhala kuNkulunkulu. Masinyane, ngalizwa ilizwi leNkosi. Umbhalo engangihlezi ngiwuzwa wavuka engqondweni yami.

UNkulunkulu wami uzakwabela zonke izidingo zenu ngokukhazimula kwenotho yakhe kuJesu Khristu.

— KwabaseFiliphi 4:19

Ngayiphendula iNkosi ngokuthi umbhalo lo ngangiwa kodwa izidingo zami zazingapheli! Yona yahle yaphendula umbuzo wami khonapho, “Yebo, kodwa akusiwo mlandu wami lowo. Awukaze uthathe ithuba lokufunda ukuthi uMbuso wami usebenza njani. Ngempela, ibandla lami elinengi liphila njengabako-Isirayeli kuThestamende eNdala—njengezigqili. Baphila impilo yezikwelede lempilo yezibopho zemali. Mina ngifuna abantu bami bakhululwe.”

Ngaphangisa ngehla ngayaphansi ngathatha uDrenda ngamtshela engangikutshelwe yiNkosi. Ngavuma kuye ukuthi ngangingazange ngimdinge uNkulunkulu lendlela zoMbuso Wakhe. Khona, ngaleso sikhathi, sasingazi ukuthi uNkulunkulu wayesitshoni nxa wayethi sasingakwazi indlela zoMbuso. Phezu kwalokho, sasisenkonzweni, sikhupha okwetshumi kuleyo mali esasiyithola, njalo sasimthanda uNkulunkulu. Sasicabanga ukuthi sasesiwubambile umqondo woMbuso. Indaba, kodwa, ngasengizathola ukuthi, yebo, ngangisendleleni yokuya ezulwini, kodwa ngangikwazi ukusondeza amandla lobukhokheli bezulu empilweni yami ngendlela eguqula izenzakalo zemvelo. Ngakho saqala ukufunda iBhayibhili, uNkulunkulu waqala ukukhuluma lathi wasinceda ukuzwisisa lokho ayekutsho ngoMbuso. Esakufundayo kuyamangalisa! Kwaba sengathi yikulumatha isibane egunjini elimnyama. Okwakuqala empilweni zethu, sazithola impendulo zesimo sezimali zethu!

Nkulunkulu, Utshoni NgoMbuso?

UNkulunkulu wathi engitshela ukuthi ngangingazange ngifunde indlela zoMbuso Wakhe, ngadideka, ngingatsho ngamafitshane. UMbuso? Mina loDrenda sasingelalwazi. Sakhuleka sacela uNkulunkulu ukuba asifundise ukuthi wayesitshoni ngalokho: “Nkosi, sifundise okutshoyo ngoMbuso!” Ngakho okwakuqala okwakumele ngikufunde yikuthi uMbuso uyini. Lokhu yinto enzima engqondweni zabasentshonalanga, abaphila ngemiqondo yase-America enikeza ukuzibusa lamalungelo awokuzethula ngendlela ezechukene. UMbuso kaNkulunkulu awusiwo kazibuse; nguMbuso oloMbusi. Amandla oMbusi ageleza kuwo wonke uMbuso eshlela kuzo zonke ingatsha zama hofisi kahulumende ezingaphansi kwalowo mbuso. Ukuba lexuku labantu akusiwo

mbuso. Sungaba labantu abayizigidi kungabi ngumbuso. Umbuso liqembu labantu elibanjaniswa ngumthetho noma uhulumende. Ingcazelo yombuso kusichazamazwi ithi: “umbuso: isigodlo noma uhulumende obuswa yinkosi noma yinkosikazi.”

Noma sithakazelela ukuza kukaJesu emhlabeni ngeKhisimusi, sihlala sisehluleka ukuzwisisa ukuthi Yena wayesiza lohulumende. IBhayibhili likhuluma ngohulumende ku-Isaya 9:6-7:

Ngoba sizalelwe umntwana, sinikezwe indodana, njalo umbuso uzakuba phezu kwamahlombe akhe. Uzayaziwayo njengo Maluleki Omuhle, uNkulunkulu uSomandla, uBaba Lanini, iNkosana yoKuthula. Ukuthuthuka kombuso wakhe kanye lokuthula soke kube lesiphetho. Yena uzabusa esihlalweni sobukhosi sikaDavida laphezulu koMbuso Wakhe, ewuqhelisa njalo ephatha ngobulungiswa langokulunga kuze kube lanini. Ukutshiseka kweNkosi uSomandla kuzaletha impumelelo yalokhu.

UJesu likhanda lalo uhulumende, njalo uma simamukela uJesu njengoMsindisi siba yingxenye kahulumende wakhe; siba ngabahlali balapho. Kasibi ngabahlali kuphela kodwa siba yingxenye yendlu kaNkulunkulu njengamadodana lamadodakazi.

Khepha kubo bonke abamamukelayo, bakhohwa egameni lakhe, wabanikeza ilungelo lokuba ngabantwana bakaNkulunkulu—abantwana abangazalwanga ngokwemvelo, noma ngezinqumo zabantu kumbe intando yabomyeni, kodwa abazelwe ngoNkulunkulu.

— UJohane 1:12-13

*Ngenxa yalokho, kaliseyizo zihambi noma abezizweni,
kodwa selingabahlali kunye labantu bakaNkulunkulu futhi
lingamalunga endlu yakhe.*

— Kwabase-Efesu 2:19

Njengamalunga endlu kaNkulunkulu, siba yingxenyane yemuli yakhe futhi siba ngabanini abaphathisa kukho konke okungoku-kaNkulunkulu. Kodwa sihle sibe ngabahlali bakahulumende Wakhe omkhulu. Lokhu kutsho ukuthi ngokomthetho silamalungelo lenzuzo kulowo hulumende. Ukuze kube lokuzwisisa okungcono mayelana lalokhu engikhuluma ngakho, kahle ngikhulume ngokuba ngumhlali wemvelo owase United States. Amalungelo akho ngokomthetho alotshwe kusisekelo sombuso njalo lakumilayo esebenza phakathi kukahulumende. Imilayo le kunye lenzuzo kufinyelela wonke umhlali walapha, kungakhathalekile ukuthi ngubani. Amalungelo lawo kawalandaba lemizwa yethu noma ukuthi sikhali phe okungakanani. Hatshi, wona alethwa yimilayo, umthetho uyavuma ukuthi atholakale kuwowonke umhlali owafunayo ngitsho kuliphi ikhaya e-America. Kuyenzeka ukuthi umhlali angabiwazi amalungelo akhe ngokomthetho, kodwa noma kunjalo, uyabe elawo ngenxa yokuba ngulowo ohlala e-United States of America.

Khathesi nanku okunye ongacabanga ngakho, njalo ngethemba kuzaguqula indlela okhangela ngayo uNkulunkulu lendlela oyamukela ngayo kuvela kuNkulunkulu. Lapha e-United States singathola ulutho noma umuntu ozama ukusithathela amalungelo ethu omthetho noma ukusiphatha kubi, siyenelisa ukufinyelela ubulungiswa (ubulungiswa butsho ukusetshenziswa komlayo), indlela esebenzisa amalungelo ethu ngokomthetho.

Siyahamba enkantolo, umantshi angabi lendaba lokuthi sibukeka njani, ukuthi simpofu noma silenotho engakanani. Yena ukhangelamlayo. Kumele akhangele umlayo sonke isikhathi. Yikho ukuvikeleka kwethu: silamalungelo omthetho, njalo uhulumendewethu kumele asebenzise amalungelo ethu omthetho ngendlela yobulungiswa eyase-United States. Ngalokho, kasikhangelisise u-Isaya 9 lapho ekhuluma ngohulumende omutsha oledwa nguJesu emhlabeni.

Yena (UJesu) uzabusa esihlalweni sobukhosi sikaDavida laphezulu koMbuso Wakhe, ewughelisa njalo ephatha ngobulungiswa langokulunga....

— U-Isaya 9:7b

Umbhalo lo uthi uMbuso kaNkulunkulu uzathuthukiswa njalo uphathwe ngobulungiswa, ukubekwa komlayo kaNkulunkulu. Ukubekwa kutsho ukuqinisa kumbe ukusebenzisa amalungelo akho omthetho. Amalungelo akho omthetho yilokho uNkulunkulu akubiza esithi yikulunga kumbe lokho Yena athi kuqondile, umlayo Wakhe. Ukuze ube leqiniso lokuthi ulalokho uNkulunkulu akuthi kuqondile eMbusweni Wakhe, lokho okungokwakho ngokomthetho kulowo Mbuso, uNkulunkulu ukunikeze ubulungiswa, obuyisiqiniseko sokuthi uzathola lokho Yena akuthembise khona. UNkulunkulu ukwenze wabakwazi intando Yakhe ngeLizwi Lakhe, iBhayibhili, ukuze sazi amalungelo ethu eMbusweni Wakhe. Lezi zindaba ezimnandi! Konke okubalayo eBhayibhilini mayelana lalokho uNkulunkulu akuthembise khona kungokwakho kudala ngomthetho njengomhlali woMbuso Wakhe!

KwabaseKhorinte beSibili 1:20 kuyacaca ukuthi sonke

isithembiso—SONKE ISITHEMBISO—singu“Yebo” lo “Ameni.”
Isinqumo sesibekwe kudala; sokungokwakho konke ngokomthetho.

*Akukhathalekile ukuthi uNkulunkulu wenze izithembiso
ezinengi okungakanani, zona zingu “Yebo” kuKhristu. Ngaye
u-“Ameni” simkhuluma sinika inkazimulo kuNkulunkulu.*

— 2 KwabaseKhorinte 1:20

Isisekelo soMbuso kaNkulunkulu yibulungiswa lokulunga—
akunyakazi. Ngakho kucabange ngale indlela: “Nxa ngikwazi
imilayo yoMbuso kaNkulunkulu (intando Yakhe), njalo ngikwazi
ukuthi ubulungiswa ngiyabufinyelela, indlela yokusebenza
enika isiqiniseko salokho okutshiwo ngumlayo, kutsho ukuthi
ngilokuzethemba njalo kangesabi.

*Silesiqinisele lesi ekusondeleni kuNkulunkulu: ukuthi
nxa sicela ulutho ngokwentando yakhe, uyasizwa. Nxa sisazi
ukuthi uyasizwa—loba kuyini esikucelayo —SIYAKWAZI
ukuthi sesilakho esikucele kuye.*

—1 UJohane 5:14-15

Uma indima le ithi Yena uyasizwa, kayitsho ukusizwa kwendlebe
okwamazwi asuka kithi esiya kuye ngamagagasi omsindo; ukhuluma

**IMBUSO ISEBENZA
NGEMILAYO NJALO
IMILAYO KAYIGUQUKI.**

ngokuthi Yena usephatha udaba.
Cabanga umantshi olalela udaba
ukuze abone ubulungiswa busen-
zakala. Inkantolo kunye lomantshi
kubekwe ukuze ubulungiswa bufinye-
lelwe ngumuntu wonke. Isinqumo sikamantshi kasilani lemiswa

Ngangisazi ukuthi umntwana uHaley babethe “ufike efile” ngabantu bemota yezigulane eyayimlande endlini. Ngangisazi ukuthi umntwana babethe ufike efile esibhedlela. Ngakho yikuyini okwayenzakalayo? Ngakhuluma lomama owayencedisa ukubeletha owayelapho, ngabuza ukuthi angitshela konke okwayenzakalayo. Ngangidinga okwakungangisiza. Wathi konke kwaqala kuhamba kuhle umntwana waze wazalwa. Wayengatshengiseli impilo futhi

umzimba wakhe uluhlaza. Umabelethisa wazama ukuvusa umntwana kodwa kenelisanga. Umncedisi waphinda wathi uJennifer wayelezi-hlobo zakhe lapho ezaqalisa ukutshaywa luvalo. Kodwa uJennifer wabatshele kuhle ukuthi bathule, futhi wafaka umunwe ebusweni bomkakhe, wathi, “Ungakhulumi lutho—umntwana lo uzalunga!”

Ngabamba umcedisi umlomo ngamcela ukuthi aphinde futhi okwakukhulunywe nguJennifer etshela umkakhe. Wangitshela into efanayo, ukuthi uJennifer wafaka umunwe wakhe ebusweni bomkakhe wathi, “Ungakhulumi lutho—umntwana lo uzalunga!” Habe! Yikho lokhu! Kwakuyiso isikhathi leso, isimemezelo esasindisa impilo kaHaley. Ngazizwa njengomphenyi owayesombulule icala! Ngajabula. Kwakulula, kodwa kujulile. UJennifer wayesebenzise umthetho kamoya kulesisimo, futhi kwakusindise impilo yomntwana wakhe! Nxa ngilokhe ngicabangisisa ngalokhu engasengikufundile, kwakuzwakala.

UJennifer wayesazi lokhu, ngenxa yomsebenzi, umkakhe wayengakakhuli okholweni njengaye kunyanga ezazedlule. Laye wayesazi ukuthi, njengenhloko yekhaya labo, ukuvumelana lokwakusenzakala kuzalwa umntwana kwakuza qgiba okwaku-zayenzakala ngomntwana. Yikho wahle wakhuluma lomkakhe wangamvumeli ukuthi avumelane lokufa komntwana wabo. UJennifer wayeqinisekile ukuthi umntwana uzaphila alunge, futhi wakumemezela ngokholo lokuzethemba lokhu.

Ngesikhathi uJennifer ekhululwa esibhedlela, wahamba kwabemota yezigulane wababuza ukuthi bamenzani umntwana ngesikhathi besendleleni yokuya esibhedlela. Bamkhangela ngobuso obulenhloni.

“Akula,” omunye wabo waphendula.

“Lizama ukuthini nxa lisithi, akula?” wabuza uJennifer, “Layenza iCPR?”

“Cha,” batsho

“Kukhona elakwenzela umntwana?”

“Cha,” batsho njalo.

Bamtshelela ukuthi umntwana wayefile, futhi babengela themba lokuthi angavuka. Kodwa, umntwana waphonguku “vuka” befika esibhedlela! Abantu bemota yezigulane baphiwa imiklomelo evela esibhedlela lakwabomlilo ukuthi yibo ababephangise kulabanye bonke ukulanda isigulane, umklomelo ngempumela yesimo esinzima. Kodwa bavuma ukuthi babengenzanga lutho.

Sike saba loHaley lonina, uJennifer, kuhlelo lwethu lukama-bonakude; lathi sonke, sileniyembezi emehlweni, sadumisa njalo ngoMbuso kaNkulunkulu. Sasinika udumo lokuthi kwakukhona umuntu kulesosimo owayekwazi ukusebenza ngomthetho kamoya langamandla oMbuso.

Endabeni le sibona uJennifer, oqiniseke ngokugcweleyo ngokutshiwo lizulu ebese khulula amandla lawo kulesisimo ngamazwi akhe. Umthetho uyasebenza!

Eyinye imuli ebandleni lami yahlangana lomthetho ofanayo woMbuso kaNkulunkulu. Odade ababili babecabange ukuhlengana badle isidlo semini ndawonye, okwakungalula, njengoba babe labantwana abayi 12 kumbe 13 phakathi kwabo. Yebo ke, besadla isidlo semini bananzelela ukuthi uJoel, oleminyaka emine, wayeselahlekile. Bamdinga indlu yonke kodwa abazange bamthola. Yikho bacabanga ukuthi mhlawumbe ucatshile, kodwa bamdinga yonke indawo bamswela. Khonapho uTina, unina, wabesesiba lomcabango omubi. Wacabanga ukuthi ngemuva kwakulebhukutsho? Wagijima ngemva kwendlu lomntwana kadadewabo, uCourtney, owayeleminyaka engu 13, eceleni kwakhe. UTina wafikelwa yikwesaba ethola uJoel engaphansi kwebhukutsho,

engatshedi. Akula owayekwazi ukuthi wayele sikhathi esinganani elapho. UTina wamemeza ukuthi bathinte ucingo lwe 911 engena phakathi kwebhukutsho edonsela uJoel phandle. Wayengasaphefumuli, emhlophe njalo engatshedi.

Lo ole minyaka engu13, owayekhuliselwe enkonzweni yethu yabantwana, wathi mamncane wakhe, “Cha, mamncane Tina, asidingi kuthinta abe 911; silamandla lapha. Kumele sikhuleke.” Ngakho bonke baqala ukukhuleka, kodwa akula okwayenzakalayo. UTina wamemeza futhi, “Thintani u911!” UCourtney wasesithi kumamncane wakhe, “Mamncane Tina, sidinga ukukhuluma impilo kuye.” Ngakho uCourtney wathi, “Joel, ngegama lika Jesu, vuka.” UJoel wahitshwa, wakhafula amanzi, wavuka, ephelele.

Nxa ngicabanga emuva ngaleyindaba, ngiyamangala, angimangaliswa yikuphila komfana, kodwa ngimangaliswa yibukhona bengqondo yomntwana oleminyaka engu 13 ngalesosikhathi. Ngesikhathi esasiphakathi kokufa lokuphila, wenelisa ukubona okwakumele kwenziwe engavumelanga ukwesaba. UCourtney waqinisekisa ukuthi ukwazi indlela zoMbuso kumnandi kulentshumayelo; kuyikufa lokuphila!

Futhi njalo, ukuthi umthetho woMbuso wasebenza njani. Ekuqaleni uCourtney wathi kwakudingakala ukuthi bakhuleke, bakwenza lokhu, kodwa akula okwayenzakalayo. Lokhu kungoba nxa sikhuleka asikhululi mandla kaNkulunkulu. Kodwa sikhulekela ukutshengiswa indlela. Yikho lokhu ababekudinga ngaleso sikhathi. Uzananzelela endabeni ukuthi uCourtney wazokuthi badinga ukukhuluma impilo kuye. Bakwenza lokhu, wavuka ekahle lanamuhla usaphilile. Njalo futhi, sibona inhliziyo eqinisekileyo ngokutshiwo lizulu, kodwa akula okwenzakalayo kuze kukhululwe amandla lapha emhlabeni ngumuntu wesilisa noma owesifazana ngokholo.

Mana ngixoxe eyinye indaba eyodwa, eyayiseduze lathi endlini. Umfowabo kaDrenda wayethethe uCandy, unkosikazi wakhe, emusa esibhedlela esiyabeletha umntwana wabo wesihlanu. Mina loDrenda sadlula esibhedlela ekuseni uCandy ehelelwa sifuna ukuyabona ilunga elitsha elemuli. Sasicabanga ukuthi wayebelethe kudala singakafiki. Kodwa sezwa kuthiwa, ngenxa yempazamo ezinlutshwane, umntwana wayesanda kuzalwa. Singena egumbini lokubelethela, usane uHolland wayengeniswa egumbini labantwana abasanda kuzalwa. Njengoba like labona, igumbi labantwana abasanda kuzalwa livulekile njenge fasitela, liyakuvumela ukuthi libone bonke abantwana nxa bengena.

Bengenisa uHolland omncinyane, ngananzelela ukuthi wayengani umhlophe. Bonke abantwana bakaJohnny balenwele eziphose zibemhlophe; futhi ekuqaleni, ngacabanga ukuthi ukuswela kwakhe umbala kwakujayelekile njengokwabanye bonke abantwana bakhe. Kodwa kakhangelekanga ephilile. Khonapho, omongi

**KHUMBULA UKUTHI
IMITHETHO YOMBUSO
ISEBENZA SONKE
ISIKHATHI, KUYE WONKE
UMUNTU!**

baqalisa ukugijima. Omongikazi baphangisa bavala igumbi leli ukuze ngingaboni phakathi, kwakungayisilo phawu oluhle lolu. Loba babevalile, kwakulesikhadlana engangibona ngaso konke. Omongikazi baqala ukudonsa imitshina, udokotela waqala ukuzama

iCPR kuHolland. Ngahamba komunye umnyango lapho engangisizwa kuhle konke omongi ababe kukhuluma. Lapho ngilalela, engangikuzwa bekukhuluma kwakusethusa ngoba babesithi umntwana wayengaphefumuli njalo babesehluleka ukuvusa inhliziyoyakhe. Ngilokhu ngilalele, ngangisizwa umtshina owawukhangele inhliziyoyakhe ukhalela lapha lalaphaya. Ngangisizwa inhliziyoyakhe

yakhe itshaya besokudlula imizuzwana engu 15 kumbe engu 20, ibisitshaya futhi. Inhliziyo kaHolland yayingatshayi!

Umongi waphuma egunjini waya kuJohnny, “Akukhangeleki kuhle, Johnny; ngiyaxolisa, kodwa sisazama.” Sasingavunyelwa egunjini labantwana, ngakho uDrenda lo Johnny babeka izandla emnyango wegumbi labantwana, lami ngabeka ezami izandla kolunye uhlangothi lwegumbi. Saqala ukukhuleka sisithi uHolland uzaphila kasoze afe futhi uzaphila. Satshela inhliziyo ukuthi itshaye, ngengama likaJesu.

Masinyane, umongi owayekhuluma lo Johnny waphuma egunjini labantwana egijima. Wagijima esedlula kithi engatsho lutho. Ngemizuzu emilutshwane, waphenduka edlula kithi elandelwa ngumongikazi, bekhulumela phezulu, “Mongi, asingeke sikwenze lokho kulesi isibhedlela akuvunyelwa. Angingeke ngivume ukuthi ube legazi lelo.” Kazange amlalele umongikazi wabuyela egumbini labantwana. Wadobha ugwalo, lapha okwakukhanya ukuthi wayebala khona indlela yokuqhubeka. Ngangikubona lokhu ngesikhala esasisele esukuma efaka umizo omude emntwaneni. Ngananzelela ukuthi wayefaka umntwana igazi.

Khonapho, ngezwa inhliziyo iqala ukutshaya. Yangezelela ukutshaya isitshaya kakhulu yayitshaya kuhle okufanele ikwenze nxa umntwana esanda kuzalwa. Umongi waphuma ngemva komzuzu wathi, “Bekulezingilosi phakathi laphaya; uNkulunkulu ungince-disile ngomntwana lo!” Sasibona ukuthi wayeyethukile. Sasisisizwa ukuthi wayengasebenzi ngalobo busuku njalo wayengaphathisanga ekubeletheni kukaCandy. Wayefike esibhedlela ezokhangela omunye wezigulane zakhe leso sikhathi kusenzakala konke lokhu. Ngangibona ukuthi umongi wayesamangele lapho esitshela ukuthi uHolland inhliziyo yakhe ayizange itshaye okwemizuzu engu36!

Namuhla uHolland muhle futhi uleminyaka emine. Ngikholwa ukuthi kwakuyikuzwisisa kwethu ngomthetho woMbuso okwabisa impendulo kuleso. Ngisakhumbula, ngibeka izandla emnyango wegumbi labantwana, ngicabanga ngedwa, “Asisoze sibe lemfa yomzukululu ka Drenda! Hayikhona sikhangele!”

Nxa sisima sikhangele indlela uMbuso osebenze ngawo ezindabeni esengikhulume ngazo, ngingathanda ukhumbule ukuthi imithetho yombuso isebenza sonke isikhathi, kuye wonke umuntu! Njengoba ngitshilo ekuqaleni kogwalo lolu, imithetho yemvelo yomhlaba isebenza ibe lempumela efanayo sonke isikhathi. Ayikhetshi futhi izasebenza kunoma ngubani othatha isikhathi sakhe ukuyifunda ayisebenzise. Amagetsi asebenza okufananayo e-USA njengoba esebenza e-Africa; akula mehluko.

Ngizala ukunanzelela ukuthi uMbuso kaNkulunkulu kwakunguMbuso owawule mithetho echaziweyo noma ifihlakele, ngabakwazi ukuthi ngasengithole impendulo yenkinga zami. Ngananzelela ukuthi kwakungasuye Nkulunkulu owayengangitsheli okokwenza, ekhetha ukungangibusisi noma ukungisiza ngeskhathi ngilesidingo. Hatshi, ngananzelela ukuthi uNkulunkulu wayengiphe konke engangingakudinga empilweni ngoJesu Khristu, owathi ngokuzinikela Kwakhe wangipha ukufinyelela kukho konke okukhona ezulwini. Ngazwisisa ukuthi uMbuso wawusebenza ngemithetho engangingayifunda ngiyisebenzise empilweni yami.

Ngaqala ukufunda zonke indaba ezaziseBhayibhili ngengqondo ehlukileyo, ngidinga imicijo eyayizakwambula eminye imithetho yoMbuso. Ngazinikela ukuba ngusosayenzi ngokomoya ukuze ngifunde ukuthi yindaba izinto zazisenzakala ngendlela ezazisenzakala ngayo kundaba zeBhayibhili engangizibala sonke

iskhathi. Umbhalo oku 1 UJohane uzwakala uhlekisa kumbe engajwayelekanga kwabanengi. Ngiyakwazi sike sayifunda ekuqaleni, kodwa asiyibaleni futhi ngoba kuyo kuhleli iqiniso le mpendulo yakho.

Silesiqinisele lesi ekusondeleni kuNkulunkulu: ukuthi nxa sicela ulutho ngokwentando yakhe, uyasizwa. Nxa sisazi ukuthi uyasizwa (uyaphatha udaba)—loba kuyini esikucelayo —SIYAKWAZI ukuthi sesilakho esikucele kuye.

— 1 UJohane 5:14-15

Ngiyawuthanda umbhalo lowu ngoba ukhuluma ngomthetho, futhi umthetho usipha isiqiniseko ukuba sizathola ubulungiswa. Lesi yisiqiniseko sethu—singacela ulutho ngokwentando kaNkulunkulu (umthetho, uNkulunkulu akuthi lilungelo), Yena uyasizwa. Futhi njalo, ibala elithi “uyasizwa” alikhulumi ngoNkulunkulu esizwa amazwi ethu, noma ewezwa. Kodwa, likhuluma ngoNkulunkulu ephatha udaba. Nxa ungacabanga ngomahluleli ophatha udaba ebesebusa ngokutsho komthetho, engasebenzisi imizwa yakhe (ngoba kumele kusebenze njalo), uzazwisisa lokhu okutshiwo ngumbhalo lowu. Yena uyasizwa—Yena uyaphatha udaba noma uyaluzwa udaba, futhi singaba lesiqiniseko sokuthola ubulungiswa, okwethu ngomthetho.

Mngane wami, ngicabanga ukuthi kumele ume ufunde lokhu futhi, ungajahi. Nxa okubalileyo kuliqiniso, futhi kuliqiniso, impilo yakho izagcwala intokozo! Abantu abakhuleka bengelawazi lolu abalaso isiqiniseko; bayanqongoloza nje nxa bekhuleka. UJesu wakhuluma ngakho kuMathewu 6:7-13.

“Njalo nxa likhuleka, lingenzi ubugabazi linqongoloza njengabahedeni ngoba, bacabanga ukuthi bazezwakala ngenxa yamazwi abo amanengi.”

— UMathewu 6:7

Ibala elithi “ukunqongoloza” litsho ukukhuluma amabala adidekileyo angatsho lutho ayimisindo. Leyi yiyo indlela abanengi abakhuleka ngayo. Abakwazi ngelungelo labo lobulungiswa noma abakuphiwe nguNkulunkulu ngokomthetho eMbusweni. Akumelanga ukhale loba uncenge ngento osuvele ulayo!

Asithi ipholisa lalime emgwaqweni litshela imota ukuthi ime, beseliqala ukukhala lincenga imota ukuthi ime. “Ngyakucela, mota, mana. Wobalesihawu kimi. Ngyakucela, ngesihle ngyacela, mana.” Lokhu kungadanisa futhi kuyangise kubuye kweyise ilizwe le-United States lomthetho abawusebenzisayo. Hatshi, ipholisa liyama litshele imota ukuthi ime, ibisisima ngenxa yomthetho obekiweyo lesikhundla sakhe njengepholisa emele uhulumende welizwe.

Abantu abancenga uNkulunkulu abakwazi umthetho wabo noma isikhundla sabo. Isizatho esenza kuyangise elizweni nxa ipholisa lincenga imota ukuthi ime yikuthi kutshengisa ilizwe elingela mthetho lamandla. Okuzaba khona kulelo lizwe elingela mthetho yingxabangxoza. Nxa amaKhristu eqhubeka encenga, kutshengisa uMbuso kaNkulunkulu engani awulamandla, awulazo impendulo. Kuyenza ukuthi abantu bamsole uNkulunkulu lentando kanye lokwanelisa Kwakhe ukubasisa, kodwa isikhathi sonke, bebelungelo lalokho akade bekucela. UJesu usipha impendulo ecacileyo ngomkhuleko wokuncenga—“WEKELENI!”

“Njalo nxa likhuleka, lingenzi ubugabazi lingongoloza njengabahedeni ngoba, bacabanga ukuthi bazezwakala ngenxa yamazwi abo amanengi. Lingabi njengabo, ngoba uYihlo uyakwazi elikuswelayo loba lingakakuceli kuye. Kumele ke, likhuleke kanje:

‘Baba wethu esezulwini, kalidunyiswe ibizo lakho, uMbuso wakho kawuze, intando yakho kayenziwe emhlabeni njengalokhu isenziwa ezulwini. Siphe lamuhla isinkwa sethu sansukuzonke. Njalo usithethelele izono zethu, njengoba lathi sibathethelela abasonelayo. Njalo ungasingenisi ekulingweni, kodwa usisindise komubi.’”

— Mathewu 6:7-13

Khumbula, uJesu usifundisa ukukhuleka kule indima. Ngokubi ke, abanye bacecise ngayo indima le ezindlini zabo kodwa kabazwisisi ukuthi itshoni. Umbhalo lo ubizwa kuthiwa nguMkhuleko weNkosi, kodwa Yona yayifundisa abafundi Byo ukuthi bakhuleka ngamazwi lawo. Yayingawakhulumi ngendlela esikwenza ngayo enkonzweni zamasonto ethu. Lawo mazwi angumlayo, nxa ufuna, owokukhuleka uthole impumela, hatshi indima nje okumele uyazi ngekhanda.

“UMbuso wakho kawuze, intando yakho kayenziwe emhlabeni njengalokhu isenziwa ezulwini,” ngumlayo wendlela yokukhuleka. Kumele sikhuleke, intando kaNkulunkulu esezulwini syibisa emhlabeni lakuzimo zethu. Ngakho impendulo yakho ithini? Kholwa uNkulunkulu akuthi ngokwakho, usebenzise amandla akho aseMbusweni wezulu ukubisa izulu emhlabeni wabele izidingo zakho lezidingo zabanye ophila labo.

Ngakho mana okwemizuzu ucabange lokhu. Ngabe wawukwazi kungela kuthandabuza ukuthi umkhuleko wakho uyasebenza njalo izulu liyawusekela, wawuyakuba lesiqiniseko nxa ukhuleka? YEBO!!! Ngokwazi amalungelo akho njengomhlali wasezulwini, ukwazi okuphiwe mahala lokuzwisisa indlela yokwamukela, lokuthakazelela inzuzo zemithetho leyo, ungahamba endleleni entsha yokuphila—indlela yoMbuso. Kuzakwenzakalani ngokwesaba? Kungenzakalani nxa ungela siqiniseko? Ulwazi lolu lungakwenza njani ukuthi ubelesiqiniseko ngekusasa lakho lokuzithemba phakathi kwezinto ezinzima? Le yiyo indlela esathinteka ngayo mina loDrenda lapho siqala ukukuthola lokhu. Sasimangala ngesasikubona kanengi. Hatshi, mana ngikutsho kuhle. Sasitshona simangele njalo sethukile! Sasimangaliswa ngamandla uNkulunkulu ayesiphe wona njengebandla ukusebenza endaweni kahulumende wasezulwini lapha emhlabeni.

*Ngoba ngoKhristu uJesu UMTHETHO woMoya
wokuphila wangikhulula EMTHETHWENI wesono lokufa.*

— KwabaseRoma 8:2

Ukuthola ukuthi lokho esakhululwa kukho “emthethweni wesono lokufa” saphiwa uMbuso lokufinyelela “umthetho womoya wokuphila” kwakujabulisa. Njalo, okwakukukhulu kithi kwaku-yikubona umthetho uzala ukulunga koMbuso empilweni zethu.

UMbuso wavumela ukuba ngisile ngokwenyama, lakumizwa yami ngingena ethembeni elitsha futhi ngikhululwa kumaphilisi ayeqeda ukudangala. Wangivumela ukusuka ekuhluphekeni, ukuyehluleka ukubhadala i-\$300 ngenyanga eyendlu eyayizifele, eyemapulazini eyayakhwa ngabo 1800, ngacina sengisakha lokubhadalela

okugcweleyo umuzi oyi 7,700 square foot owawuhleli phezu kwama acre angu 59 amahle. Lonkosiksazi wami wayesengithanda ngcono futhi! Ukutshayela imota ezingcono ezazingafi nsuku zonke kwakukuhle kakhulu. Ukwenelisa ukupha izinkulungwane zemali ngenxa yeVangeli kwakungenzeki ngokubona kwethu eminyakeni edluleyo. Impilo, ukukhanya koMbuso, kwawungcwaba ubunyama; njengokutsho kukaNkulunkulu kuncwadi kaGenesis ekhangela izidalwa Zakhe, “Kuhle lokhu!” Lami futhi, ngama ngimangele ngathi, “Lokhu kuhle, kuhle kakhulu.”

Mina loDrenda sasijabule okokuthi sasitshela wonke umuntu owayengalalela ngo Mbuso sibatshele indaba yethu. Abantu ebandleni lethu basebethola impumela efana laleyo esasiyithola, njalo omunye wabo kwakuyindondakazi yethi eleminyaka engu12. Wayebone uNkulunkulu esenza into ezinengi njalo wayebone kanengi umthetho owawungehluleki owoMbuso uletha izithelo empilweni zethu. Ngangikwazi ukuthi wayebukele njalo efunda ngemithetho leyi, kodwa indaba eyodwa yangitshengisa ukuthi wayefunda okwangempela.

Ngelinye ilanga ngahamba endlini yakhe yokulala ukuyamtshela ukuthi alale kuhle kodwa kukhona okwakungani kuhlukile. Emdulwini wakhe kwakulomfanekiso wenja engumhlobo we*Pomeranian*. Lokhu, kumzali wonke okwaziyo, kwakuyindlela eyayitshengisa ukuthi wayezacelainja. Ngakho, ngathatha isinqumo sokuthi ngangisasoze ngimelele ukuthi acele ngoba ngangingafuni eyinyeinja endlini. Udadewabo ka Kirsten uPolly wayelenja eyayihlala endlini, njalo babelala bonke endlini yabo yokulala, ngakhoinja kaPolly yayitshona ikhona iloPolly loKirsten.

Ngatsho kuKirsten indlela engangithanda ngayo umfanekiso wakhe kodwa ngangingafuni eyinyeinja ehlala endlini. Nxa

wayefunainja, kwakumele achithe isikhathi lenja kadadewabo eyayiluhlobo lweDachshund. UKirsten kazange atsho lutho ngalobo busuku, wavuma engangikutshilo. Ngacabanga ukuthi udaba lolu lwaseluphelile, kodwa indaba ye*Pomeranian* yavuswa futhi, ekhuluma ethi, “Ngeke kubemnandi ukuba le*Pomeranian* na?” kumbe “Yona iloboya obuhle.” Yebo ke, wayephinda angitshengise umfanekiso waleyo nja eyayikumagagasi. Njalo, ngangisithi, “Hatshi.” Ngangilamandla endlini, njalo sasingasoze sibe leyinyeinja endlini.

Njalo futhi ngacabanga ukuthi indaba yayisidlulisiwe kodwa ngelinye ilanga ngemva kwenyanga eyodwa sivela enkonzweni, uKirsten wabuya kimi ngokuzithemba wathi, “Baba namuhla ngiyamukele umdlwane oyi*Pomeranian* ngokukholwa njengokufundisa kwakho.” Ngamkhumbuza futhi engangikutshilo mayelana lokuba leyinyeinja. Elokhe emoyizela, wathi, “Kodwa Baba, uMama uthi uNkulunkulu uyanelisa ukutshintsha inhliziyoyinkosi.” Wayengadeleli ngempendulo yakhe. Wayevumelana lonina njalo ekhuleka ukuthi uNkulunkulu uzatshintsha inhliziyoyami. Wayengitholile. Ngasengikwazi ukuthi yena lonina babekhulumile, njalo unina wayemkhuthaze ukuthi uNkulunkulu wayengatshintsha ingqondo yami.

Ngenkuthazo leyo, wayekhulule ukholo lolu ekuseni sisenkonzweni, ehlanyela njalo efakaza ukuthi wayeyamukeleinja ngokukholwa. Ngamenqabela ngamandla kodwa ngimqinisekisa ukuthi ngiyamthanda kodwa ngibeka udaba lwami ngisithi kuye, “Kasisoze sibe leyinye inje ehlalala endlini.” Ngamxolisa kodwa kwakungasoze kuyenzakale. Wayekhangeleka engelandaba lengangikutsho; wahamba ehlekelela. Njalo ngacabanga ukuthi indaba yethu yayisiphelile.

Kodwa ngemva kwenyanga, ngathola isimemo sokufundisa

ebandleni elincane eMississippi. Kwakulibandla elincane elaligonjolozelwe ngamagceke ayemade okwamamayela. Ekupheleni kobusuku bokuqala, umfundisi weza kimi wathi iNkosi yayikhulume laye phakathi kwenkonzo. Wathi, “Angikwazi ukuthi uyakwazi lokhu kumbe awukwazi, kodwa ngikhulisa ama*Pomeranian* eceleni, futhi iNkosi ingitshele ukuthi ngikuphe umdlwane owodwa osulamaviki ayisithupha osulungele ukuthola ikhaya.” Ngama lapho ngivule umlomo. Ngangizimisele ukungayithathi leyo nja, ngakho ngathi, “Ngizakwazisa.” Ngangingakwazi ukuthi wayekhulisa izinja njalo ngangingatshongo lutho kuye ngokuthi uKirsten wayefuna umdlwane.

Ngacina sengitshela uDrenda ngokwakwenzakele futhi lokuthi ngangingafuni ukuhamba lenja leyo endlini. Wangikhangela wathi,” Uzayenqabela ukholo lwendodakazi yethu?” UDrenda laye wayengafuni inja yesibili endlini, kodwa wayethanda uKirsten ukwedlula ukungahlaliseki kwethu ngeyinye inja yesibili. Futhi khathesi njoba uNkulunkulu wayesesilethele inja ngokukholwa kukaKirsten, sasizanqaba njani? Ngakho ngatshela umfundisi ukuthi ngangizayithatha inja.

Asizange sitshela uKirsten kodwa satshela udadewabo ukuthi aqinisekise ukuthi uyamletha egcekeni lendizamtshina nxa sebebuya ukuzosithatha. UKirsten wabuya egcekeni lendizamtshina, futhi sahamba kuye samupha isikhwama esincane esasisithengele inja. Wathi uKirsten ebona i*Pomeranian* encane, wakhala. Yonke into yama. Wonke umuntu owayesigombolozele wama esesibukele. Kungekudala, kwasokuleqembu labantu elaselisigombolozele libukele uKirsten ekhala, ebambe umdlwane. UDrenda wayetshela abantu ukuthi inja sasiyiphiwe njani lokuthi uKirsten wayekholwe kuNkulunkulu ukuba ayithole.

Kwabayilapho engananzelela ukuthi wawungaba lemvuselelo egcekeni lendizamtshina ngokubamba umdlwane esandleni sakho. Wonke umuntu wayefuna ukubona umdlwane, njalo wonke umuntu wayesekhala loKirsten, labasebenza emahofisini eTSA. Ngaleso isikhathi ngazizwa njengobaba omubi. Ngibona intokozo eyalethwa ngumdlwane kundodakazi yami futhi lokuthi uNkulunkulu wayebiseinja leyo ngenxa yokholo lwakhe, ngazibuza ukuthi nganginqabelani into eyayili gugu kuye. Wamnika ibizo wathi ngu Shakespear, wayethandeka. Waba lilunga lemuli ngeqiniso. Noma wayezimele, wayelandelela uKirsten yonke indawo busuku lemini.

Noma leyi kuyindaba ethintayo, ngidinga ukubuza umbuzo odinga ukuphendulwa njalo uyinhloso yogwalo lolu. **Inja leyi yavela njani?** Ngangingakaze ngiphiweinja. Njalo kwaze kwaba yinja indodakazi yami eyeyikhulule ukholo lwayo kuyo? Kwakuyinhlanhla? Hatshi, ngempela kwakungayisiyo. Kwakuyi mpumela yoMbuso lemithetho yayo eyayisiletha izithelo empilweni yemuli yami. Yayisakha njengendlela ezakwenza ngayo kuye wonke umuntu olokholo njalo okhulula amandla oMbuso lapha emhlabeni. Singatsho sithi kwakunguMbuso kaNkulunkulu owabisa leyo nja. Kodwa wakwenza njani? Imithetho eyakwenza kwafezeka lokhu yayisithini? Ngethemba, siqhubeka ngogwalo lwethu, sizaba lempendulo ezicacileyo ezizasinceda ukwazi indlela yokukholisa uMbuso kaNkulunkulu. Ngoba, wena ungowaseMbusweni ngakho ulamalungelo omthetho kanye lenzuzo! Kodwa kuqala mana ngikuphe omunye umzekeliso ngoMbuso ovela empilweni yemuli yami.

ISAPHLUKO 4

INHLANZI ENKULU

Lapho mina loDrenda sifunda ngoMbuso kaNkulunkulu lamandla esasilawo emhlabeni, sayala sikhula sinanzelela ukuthi yithi esasihlela indlela esiphila ngayo. UMbuso kaNkulunkulu wawuthinta yonke indawo yempilo yethu, kodwa yithi okwakumele sikhulule ukutholakala kwalokho esasikudinga kumbe esasikufuna empilweni zethu. Akuzange kwenzakale kodwa. Njengakundaba yomdlwane wendodakazi yethu, akukho okwakukuncane noma okwakungaqakathekanga ukuba sikulethe ngaphansi kwamandla oMbuso. Sathi sesikunanzelele lokho, akukho okwakungeke kwenzeke kumbe okwakukhanya kunzima kithi. Kungxenywe enkulu eyempilo yami, kangizange ngizwisise ukuthi uNkulunkulu wayesinike uMbuso, WONKE uMbuso ukuba siwukhwabithe. Ngakho kwakumnandi ukubona uMbuso uthinta yonke indawo yempilo yethu, ngitsho lezindawo ezincane ezingabalulekanga kangako. Isibonelo salokhu satshengiswa yindaba elandelayo. Ngiyibiza ngithi yindaba yenhlanzi enkulu.

Kwayenzakala imuli yethu ise-Alaska ngekhofu. Ukuba kuleyondawo nje kwakuliphupho kimi. Sahamba ngendiza saya e-Anchorage sathola iRV yokuqhatsha amaviki amathathu

siyitshayela kakhulu ezigabeni zasentshonalanga. Kwakukuhle! Ngelinye ilanga silokhu sitshayela nje sibhoda eKanai Peninsula, sananzelela inhlanzi enkulu ilenga eceleni kwengalani yesikepe esisiqhatshiwe. Izikepe ezinengi eziqhatshiweyo zazisanda kungena; ziphambana zisiya le lale zonke zilengise inhlanzi ezifanayo ezinkulu. Kimi zazifana lomhlobo wenhlanzi othiwa yi*flounder*. Ngangingakaze ngibone *ihalibut* ngaleso sikhathi, futhi ngangingazi ukuthi iyikuyini, kodwa yayinkulu. Sasimangala sidlula inhlanganisano ezinengi eziqhatshisa izikepe, zonke zisakaza ngokugola *ihalibut* okosuku olulodwa. Masinyane, unkosikazi wami watshibilikela kimi wathi, “Ngingakuthabela ukubamba *ihalibut*, ngakho ngifuna ukuyabamba eyodwa lomholi lowana olaphana.” Wakhombela uphawu lokusakaza ukubamba *ihalibut* olwaluse-sikepeni esiqhatshwayo, njalo uphawo lwesiKhristu olwenhlazi lwalukulolo phawu.

Okwakuqala, ngamangala! “Ufuna ukubamba *ihalibut*?” Yena wayengakaze afune ukuyathiya ngaphambilini. Kodwa waphikelela, ngakho sama sahamba ehofisini. Abasebenza ehofisini yalapho babematasela belomunye owayefuna ukuqhatsha, ngakho sasilokhu sibhodisa amehlo nje sibuka, sifunda izinto ezazifakwe ngabantu emdulwini wokusakaza izindaba. Sabona uphawu olwalukhuluma ngomncintiswano wama *halibut* owawusen-zakala, kodwa wawusuzaphela. Njengoba thina sasingakwazi ukuthi lokho kwakuyini, lawe sungabe ungakwazi, ngakho kahle ngichasise. *IHalibut Derby* ngumncintiswano wokuthola lowo ozabamba *ihalibut* enkulu kuleyonyanga phakathi kwabaholi bonke abahola izikepe zokuqhatsha. Ophuma phambili kwakuyafakwa umfanekiso wakhe kuphephandaba kunye le*check*. Mina loDrenda sakhuluma ngokungena ku *Derby* (kuMncintiswano) njoba sasivele

sizakuyathiya. Kwakungamadola ambalwa ukungena; yikho ke lapho okwayenzakala khona.

UDrenda, owami obuthakathaka, unkosikazi wami othobeke njengaye wonke umuntu wesifazane watshibilikela kimi wathi yena uzanqoba i*Derby* ukuze ibhizimusi lomholi lo libonakale kulezinye zonke izikepe eziqhatshwayo ngoba engumKhristu njalo uNkulunkulu wayezaphiwa inkazimulo ngalokhu. Ngakho kwathi sokufike ithuba lethu etafuleni, uDrenda watsho ngokuzethemba wathi uzanqoba i*Halibut Derby* ukuze uNkulunkulu aphiwe inkazimulo lokuthi ibhizimusi labo lazakale ngoba babelebhizimusi elesiKhristu. Ngempela, umholi wesikepe esiqhatshiweyo, ungacabanga nje ukuthi yena wacabangani. Ngempela, wonke umuntu angakuthanda ukunqoba i*Halibut Derby*; njalo ngileqiniso lokuthi lokhu wayesekuzwe kukhulunywa ngabantu abanengi, kumbe bonke ayebabhodisa ngesikepe. Kodwa ke, kangila qiniso ukuthi abanengi babesitsho na ukuthi bafuna ukunqoba ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

Kuhle ke, yena akazange atsho okunengi ngamazwi ayekhulunywe nguDrenda mayelana le*Derby*. Sathi siphuma sisiyaqala ukuthiya, saqala ukugola amah*alibut*, njalo uDrenda wayelokhe ebuza umholi, owayengumnini wesikepe, ukuthi i*halibut* kwakumele ibe nkulu kangakanani ukuba umuntu anqobe i*Derby*. Yena wayephendula ngokuthi kwakumele ibenkulu kulaleyo ayesanda kuyibamba, okwakumenza abuze njalo sonke isikhathi angabamba eyodwa. Ngakho wathi esebambe eyayingama phawundi angu40, yena wathi yayingekho nkulu okwanelayo. Wathi esebambe engamaphawundi angu 70, kwakulokhe kuthiwa kayinkulu okwanelayo. Ngempela, wonke umuntu uyazi ukuthi i*halibut* imnandi kangakanani, ngakho sasijonge ukuthumela ekhaya wonke amah*alibut* esasizawabamba.

Umuntu wayevunyelwa ukuthwala amabili kuphela, ngakho sagcina le eyayingamaphawundi angu70.

Lwaqhubeka usuku kwaze kwabantambama, kwasokusiba sebusuku. Indodana yami uTom, indodakazi uPolly, kunye lami sasibambe omunye lomunye amah*alibut* amabili. Abanye abantwana bethu ababili u-Amy loTim, babebuyele ngendiza besiya emhlanganweni ngakho sasesingelabo. UDrenda, yebo, wayeleyakhe eyayingamaphawundi angu70, kodwa akukho inhlanzi esasilazo esikepeni ezazinganqoba i*Derby*. Kodwa uDrenda wayelesiqiniseko sokuthi wayezabamba enkulu. Ubusuku bathi sobusondela ngokuphangisa, umholi wasitshela ukuba siphendukise umambule wethu esikepeni ngoba kwasokumele sibuyele. UDrenda akazange alalele lapho umholi encedisa thina abanye sonke ukuphendukisa konke okokuthiya esikepeni sikugogqo sikubeke kule. Wacela eminye imizuzwana nje emilutshwane elokhu esitsho ukuthi wayezabamba inhlanzi ezanqoba ku*Halibut Derby*. Umholi walinda okwemizuzu emilutshwane waze wacina esemlandla esithi, “Ngiyaxolisa, kodwa kumele sibuyele.”

Engakabambi isigodo sakhe sokuthiya, sona saqala ukudonselwa emanzini. Kwakuyinhlanzi enkulu ngoba isigodo saqala ukugoba lowayedonsa laye wayesememeza. Umholi waphakamisa isigodo ukuba aphumputhe ubukhulu benhlanzi wasevuma ukuthi kwakuyinhlanzi enkulu kodwa wathi kwakuyi *shark*. Wathi wayesizwa ngendlela inhlanzi le eyayidonsa ngayo. Yebo ke, kwathathela uDrenda isikhathi ukuba inhlanzi le ayidonsele phezulu. Kwamthathela amandla akhe onke ukuba ayidonse isuka phansi, ngoba yayiphansi ukutshona kwama *feet* angu 300. Inhlanzi yathi ibonakala phezulu, wonke umuntu wayebona ukuthi kwakuyi *halibut* enkulu, eyayinkulu kuloDrenda ngokwakhe.

Lapho inhlanzi idonselwa phakathi kwesikepe, umholi ngokwakhe wathi inhlanzi le yayinkulu kakhulu ukuba iphongudonselwa phakathi kwesikepe iphila ngoba yayizakube iphaphatha; futhi ngobukhulu bayo, yayingalimaza umuntu kumbe isikepe. Yena wayelensimbi ebalulekileyo eyenhlanzi ezinkulu njengale. Insimbi le yayilokuncane okudubukayo emlonyeni wayo, okwakuthi kungafithizelwa ekhanda lenhlanzi, kudubuke kuyibulale inhlanzi. Lapho umholi ebeka insimbi le ekhanda lenhlanzi elalilikhulu idubuka, inhlanzi yatsheda, okwayenza insimbi yakhutha.

Ngenxa yomsindo lowo, inhlanzi yantsheza ngamandla ayo onke ibuyela ngaphansi kwamanzi. Yabuyela phakathi phansi, yonke intambo eyayiyi 300 *feet* yathukululeka. Sasisesaba ukuthi intambo le yayingasozwe iyibambe inhlanzi noma ingwegwa yayizayekela lapho inhlanzi le iseqela emanzini ngodlame. Ngakho njalo, uDrenda kwasokumele aphinde ayidonsele phezulu. Kwakumsinda ukwenza lokhu njoba wayeseke walwa layo ngaphambilini; ngakho ngafaka ingalo zami zamgombolozela, ngimbambisa isigodo sabamba ndawonye, sancedisana sayidonsela phezulu futhi. Khathesi ke umholi wayenelisa ukuyingenisa esikepeni lapho sonke esasihleli khona simangala ngobukhulu bayo.

Sayithatha *ihalibut* sayisa esikalini esasisenkundleni yenkaba yedolobho esasilobukhulu obabungayiphakamisa. Inhlanzi le yayingamaphawundi angu 123 njalo yayinde kuloDrenda. Indoda eyayifaka esikalini yathi, le yiyo, ngaleso sikhathi, eyayinkulu kulezinye zonke ezazingene umncintiswano; kodwa kwakusasele amaviki amabili ukuba umncintiswano uphele, ngakho sasingeke sibe kwazi ukuthi inhlanzi yethu yayizanqoba na. Kodwa ke ngeqiniso, ngelinye ilanga kwafika *ichcek* lilebizo likaDrenda lephephandaba elalilomfanekiso wakhe. Sajabula kakhulu.

UMbuso wasebenza futhi njalo! Kumele ngiphinde njalo ngibuze umbuzo. “Wayibamba njani inhlanzi leyana?” Mina selokhe ngabamazi lokhe satshadayo sengambona esiyathiya kabili kuphela, ukuyathiya inhlanzi vele kwakungayisikho kwakhe. Ngangilokhu ngimangala ukuthi wayefune njani vele ukuyabamba *ihalibut*. Kodwa wayelezizatho zakhe; wayefuna ukuyabamba eyayizangoba *iderby*! Wanqoba ngokunjalo. Sathi sesixhumana lomholi wase-Alaska, sayabelana laye ngoMbuso kaNkulunkulu lokuthi inhlanzi leyana sasiyibambe njani. Noma kwakungayisiyo eyayinqobile, ngesikhathi sitshiya umholi leliyana langa, inhlanzi yayinkulu kakhulu ukuba ithole ukunaka kwakhe. Njalo ngeqiniso, yacina iphuma phambili.

Usungacabanga ukuthi indaba yethu, kumbe ngingathi indaba kaDrenda eyenhlanzi enkulu iphelela lapho. Ngiyazi abanye abantu sebengacabanga ukuthi yena wabalenhlanhla nje kuphela, kodwa kabili konke? Yebo ke, ngemva kweminyaka emihlanu, mina loDrenda sanxusa umngane wethu owayengumfundisi ukuba siye e-Alaska ukuyathiya uhlobo lwenhlanzi oluthiwa yi*salmon*. Sasingakaze sibuyele khona kusukela kuhambo lwethu nge RV silemuli ngakho sasihlala sidinga isizatho sokubuyela. Saphinda njalo saqhatsha iRV sahlela ukuyathiya ama *salmon* njengoba *isalmon* ethiwa yi *sockeye* yayivamile. Ngakho sathi sithiya *isalmon*, ingxoxo yacina isikhuluma ngokubanjwa kwama *halibut* lenhlanzi kaDrenda Umngane wethu wayengakaze ayethiya *ihalibut*, ngakho sathi kuye, “Ngokunjalo, kasambe ke.” Sacabanga ukubuyela endaweni efanayo lokuyasebenzisa umholi wezikepe zokuqhatsha esasimsebenzise kuqala nxa ibhizimusi lakhe lalilokhu lisaphila.

Satshayela ke sisiya lapho ayekade etholakala khona, sathola ukuthi wayengasekho sacabanga ukusebenzisa omunye umholi.

Singakenzi lokho kodwa, sacabanga ukukhangela ku-*Internet* ukubona ukuba sasingeke sithole ibizo lakhe na, njengoba elbhizimusi lakhe kumbe elesikepe sakhe sasingasalikhumbuli. Ngemva kokuphendla, senelisa ukuthola ucezu lwephephandaba elalilandisa ngendaba yenhlanzi kaDrenda, lilokhe lilomfanekiso wakhe owathathwa sokudlule iminyaka emihlanu. Kwakulotshwe ibizo lesikepe kanye lebizu lenhlanganiso, ngakho saphanga samtshayela ucingo, sakhuluma laye ukuze siqedisise. Inhlanganiso yakhe yayilokhu ikhona kodwa yayisitshedile ngamamayela amahlanu kusehla ngomgwaqo.

Sathi singena kubhizimusi labo, owesifazana owayephambili, owayengunkosikazi womholi engumnini, waphakamisa ubuso wasikhangela wathi, “Ngangu umnqobi *wehalibut!*” Sakholisa ukuxoxa laye okwemizuzu emilutshwane mayelana *lehalibut* enkulu langalokho okwakukade kusenzakala kuminyaka emihlanu eyayidlulile. Kwakube lesimo esibi esomnotho ngakho izinto zazingahambi kakuhle kubhizimusi labo. Wasitshela ukuthi abantu babengasavakatshi kangako noma ukuchitha imali yabo bethiya njengakudala, njalo umyeni wakhe wayesedumazeka. Samkhumbuza ngoMbuso, wasitshela ukuthi umyeni wakhe wayengakuthokozeli ukusebenzela uNkulunkulu.

Sathi sesingena esikepeni, yena laye umyeni wakhe, wakhumbula uDrenda lenhlanzi enkulu. UDrenda wamlanda wafika wambuza ukuthi zazihamba njani ezokuthiya, wabephendula ukuthi wayekade ebamba ezincane uma eqathanisa lalezo ayekade ezibambela i*Derby*. Kodwa wathi ezinkulu zazingekho kuleyo ndawo ngoba amanzi ayengatshoni kangako. Waqhubeka wachasisa ukuthi isizatho esasimenze wathutha esusa ibhizimusi lapho elalikhona yikuthi lapho ayethiya khona, lalapho uDrenda ayebambe khona eyanqoba

iDerby, kwakutshona kodwa kwakugcwele amashark. Amashark ayebamba isithiyi singakafiki ngaphansi, ngakho kwasokumqedele izithiyi kanye lesikhathi esinengi.

Ngakho sambuza ukuthi wayesejayele ukubamba ezingakanani endaweni entsha, wathi wayengazange abone inhlanzi eyedlula amaphawundi angu 20 kusiya kwangu 30 ngenyanga eyodwa. Ngakho uDrenda wamkhangela wathi, “Kuhle ke, mina ngizakubambela enkulu namuhla, enkulu kulalezo osujayele ukuzibona, ukuze wazi ukuthi uNkulunkulu uthembekile.” Kodwa yena wamenza inhlekisa nje. Ilanga lonke sasilokhu sibamba ezingama phawundi angu 20 kuphela njengokwakukhulunywe ngumholi, njalo umholi wayelokhu eqala uDrenda nge “nhlanzi enkulu” ayezayibamba. Uhambo lwethu loluyana lwasoluziphinda.

Ilanga lathi seliphelile, umholi wasitshela ukuba sidonse izigodo zokuthiya sizigaxe, uDrenda akazange alalele, ethi ufuna umzuzu noma emibili ukuba abambe inhlanzi enkulu. Futhi njalo, umholi walinda umzuzu owodwa wasemtshela ukuthi kwakumele kuhanjwe. Kulapho ke isigodo sakhe esadonseka khona ngamandla, ngamafitshane, wabamba eyayingamaphawundi angu 70. Umholi wamangala njalo futhi.

Sathi sesisekhefa ngemva kokuthiya inhlanzi, sakhuluma lomunye umholi oqhatshisa izikepe owayesidla isidlo sakusihlwa lapho. Wathi esizwa ukuthi uDrenda wayebambe engamaphawundi angu70, kwaba nzima ukuba akholwe. Belithiya ngaphi; belikhatshana okungakanani? Wayefuna ukwazi ukuthi sasiyibambe ngaphi inhlanzi enkulu. Sathi sesiphumile ekhefa, kwakumele sibuyele kunhlanganiso eqhatshisayo siyebhalisa ukuba inhlanzi ithunyelwe ngekhaya.

Singakayehlukani lomholi, saba lelinye ithuba lokwabelana laye

ngoMbuso kaNkulunkulu. Ngamkhangela umholi ngathi kuye, “Kumele udingisise ukuthi inhlanzi lezi unkosikazi wazibamba njani. Imithetho yoMbuso iyasebenza lasemalini.” Khathesi ke wayesefuna ukulalela, wayekhanya efuna. Samtshiyela ugwalo lwami oluthiwa, *Fixing the Money Thing* sahamba.

Inhlanzi lezi ezimbili zabanjwa ngenhlanhla na kumbe ngomthetho woMbuso? Zicabangele lawe, kodwa mina loDrenda sabakwazi kudala. Kusukela sihamba sisiyathiya, ukuphuma ezikweledeni, kumbe ukusiliswa, izehlakalo zethu loMbuso kaNkulunkulu zazijabulisa njalo ziguqula impilo. Abanye basahlangana lawo uMbuso ngokunjalo. Nansi incwadi evela kowesifazane owezwa indaba kaDrenda.

Ngiyalibingelela Gary loDrenda,

Ngicabange ukuthi njengoba sengifunde ugwalo lwenu olukhuluma ngalapho uDrenda aze abambe *ihalibut* eyamtholela umklomelo, lami, ngokufanayo, kumele ngabelane lani eyami iNdaba yeNhlanzi. Sathatha uhambo lwekhedu sisiya eCocoa Beach/Cape Canaveral, eFlorida. Umyeni wami, uRobert, wayefuna singene esikepeni esasisiyathiya inhlanzi enzikini yolwandle elethemba lokuthi sizaphenduka lenhlanzi ngekhaya, sesiphendukile eColorado. Sasesilenyanga sihlela lolu hambo, ngakho wathi engitshela ukuthi wayefuna siyethiya, ngajabula kakhulu ngathi, “Asenze njalo! Futhi kasikholwe ukuthi uNkulunkulu uzakwenza sigole ezinengi!” Ngabuza uRob ngenhlanzi ezazitholakala eFlorida lapho esasithiya khona. Kuzo zonke inhlanzi ayengitshela ngazo, ngakhetha ukukhuleka ngokukholwa ukuthi sizabamba *ired snapper* enkulu.

Lwafika ke usuku njalo sasilindele ukulayelwa ngumholi

wesikepe labanye abasebenza laye. Ngangilokhu ngifakaza ukuthi ngizabamba inkalakatha *yered snapper*, ngakho intokozo yami yayisengezwa lapho umholi ekhuluma. Ngadumazeka kakhulu ukumuzwa umholi ethi inhlanzi esasingeke sizithole *yibass*, *iflounder*, le *red snapper*! Ugh, ngacabanga; yikuyini okunye engingabeka kukho ukholo lwami?

Ngakho ke, ngangingeke ngikhuthe ithuba lokusebenzisa ukholo lwami. Ngathi, “Nkosi, bengikade ngikholwa ukuthi ngizabamba inkalakatha *yered snapper*, kakube njalo, ngizayibamba ngithole lezinye inhlanzi zokuthwalela ngekhaya!

Ngakho ngathi ngisesikepeni, ngatshibilikela kundodakazi yami eleminyaka engu 8, uRachel, ngathi, “Khumbula ukuthi uyenelisa ukuthandaza ukholwe kuNkulunkulu ukuba uzabamba inhlanzi namuhla. Uyakholwa na?” Yena wabobotheka wanqekuzwa ikhanda evuma. Ngatsho inkuthazo efanayo kundodakazi yami eleminyaka engu 21, uJordan. Yena wangikhangela emangele wasevuma. Ngakhangela uRob ngathi, “Kasikholwe ukuthi sizathiya okuzwayo!”

Kwadelula amahola ambalwa kodwa akukho okwathuza izithiyo zethu ezazilokhu zimi. Kwathi masinyane, isithiyo sikaRachel sathuzwa wajabula kakhulu. Wabiza uyise ukuba amsize. Ngemva kwemizuzu emilutshwane, badonsa i-*Atlantic shark*! Habe, uRachel wayeyibambile indaba yokukholwa! Ngakho samkhuthaza. Intshantshu engaka!

Ngikhumbula sengiqala ukucabanga ukuthi mina ngangingasoze ngibambe lutho, kodwa ngawuvimba lowo mcabango ngafakaza ukuthi ngasengiyitholile inhlanzi yami. Ngahlala phansi ngaphumula ngezwa uNkulunkulu esithi, “Ungahlala phansi ungekele ngilethe inhlanzi kuwe,

uzayithola.” Yebo ke, ngangingayisiyo ngcitshi kwezokugola inhlanzi, ngakho ngangingeke ngithembe ukwanelisa kwami. Ngahlala ke phansi ngakhokha umoya wokuthembela kuNkulunkulu ngalinda. Ngemva kwemizuzu engu 20 kusiya ku 30, sathintwa isithiyo sami; ngangithi sithintiwe nje kancane, kodwa kwakuyinhlanzi enkulu kakhulu.

Umkami waqala ukungisiza engilayela, umholi wabuya laye wenza okufanayo. Wangitshela ukuthi ngangidonsa inhlanzi enkulu kwasokungaba yi *snapper* enkulu. Ngamangala ukuthi wayesazi ukuthi yinhlanzi bani ingakakhanyi! Ngeqiniso, ngaqhubeka ngidonsa, yaze yathutsha *ired snapper* yami enkulu eyayingama phawundi angu 20!! Ngaqala ukubonga uNkulunkulu ngenjabulo lentokozo enkulu. Ngangisazi ukuthi ngasengithole ukubhobokela okholweni lwami. Ngaqhubeka ngikhumbula ukuzethemba kukaDrenda ngacabanga ukuthi lami ngangisenelisa ukuba lokholo olufanayo. Ngazimisela njalo ngathola impumela enhle.

Ngiyabonga ngenkonzo yenu langengwalo elizilobayo, kugoqela oluthiwa *The Faith Hunt*. Ngigcwele ukubonga kuNkulunkulu lakunkonzo yenu esingisize ukuba ngingene kuzibusiso ezinkulu. Ngikhangelela ikusasa ngokholo olukhulu kanye lentokozo. Ngiyazi futhi ukuthi isehlakalo lesi sathinta kakhulu imuli yami!

Ngobuqotho,
S.T.

ISAHLUKO 5

KWAKULUKHETHO LUKABANI?

Kundaba engike ngaziloba, siwubonile uMbuso kaNkulunkulu uthela izithelo, lapha emhlabeni,inja, inhlanzi, imali yokuhlawulela indlu, imali yokuhlawulela izimota lemizi edingakala empilweni, ukusinda kwempilo zabantwana abathathu, lokunengi. Zonke izindaba lezi zalethwa nguMbuso kaNkulunkulu, kumbe kahle ngikwenze kube seduzane, uMbuso kaNkulunkulu WETHU! Akumelanga simangale ngoba uMbuso Wakhe ulobukhulu obungelinganiswe.

UPhethro wesibili 1:3a uthi:

Amandla akhe aphezulu asesinike konke esikudingayo ekuphileni kanye lobunkulunkulu.

Kuzo zonke indaba esesizikhangele, ngifuna ukubuza umbuzo oqathekileyo, “Kwakulukhetho lukabani?” Engikutshoyo yilokhu: uNkulunkulu wavela nje wacabanga ukunikeza uKirsteninja, kumbe ukunikeza inhlanzi kunkosikazi wami, uDrenda? Izenzakalo lezi yizinqumo ezenziwa nguNkulunkulu nje ngenxa yentando

yakhe ephezulu? Kumbe singabakhona yini esinye isizatho sokwenzakala kwezinto lezi? Ngicabanga ukuthi impendulo izamangaza abantu abanengi. Mina ngiyazi yangimangaza.

Ukuphendula umbuzo lo, kasikhangele indaba yeBhayibhili ekuLukha 8,

Kwathi uJesu esesiya khona, abantu baminyezela ingathi bazampatshaza. Khonapho kwakulowesifazane owayeseleminyaka elitshumi lambili esopha, kodwa kungekho owayengamelapha. Weza ngemva kukaJesu wathinta umphetho wesembatho sakhe, masinyane nje ukopha kwahle kwaphela.

“Ngubani ongithintileyo?” UJesu wabuza. Kwathi ngoba bonke bephika, uPhethro wathi, “Nkosi, abantu bayaminyezelana besondela kuwe.” Kodwa uJesu wathi, “Ukhona ongithintileyo; ngiyazi ukuthi amandla aphumile kimi.”

Owesifazane esebone ukuthi uzacina eboniwe, weza ethuthumela wazilahla ezinyaweni zakhe. Wachaza phambi kwabantu bonke ukuthi kungani wayemthintile uJesu lokuthi wasiliswa njani masinyane.

UJesu wasesithi kuye, “Ndodakazi, ukholo lwakho lukusilisile. Hamba ngokuthula.”

— ULukha 8:42-48

IBhayibhili liyacaca ukuthi uJesu wayeminyezelwa empantshazwa nxa zonke, njalo loPhethro wamangazwa ngumbuzo kaJesu, “Ngubani ongithintileyo?” Njengalowo ophenya ahlaziye izinto zikamoya, ngifuna ukwazi, kumele ngibekwazi, ukuthi kungani umama lo wasiliswa yena yedwa. Kungani ugcobo lwagelezela

kuye lwangagelezeli kwabanye bonke ababemthintile ngaleso sikhathi? Impendulo ilapha, kodwa ngingakawuphenduli umbuzo lowo, kahle sibuze omunye. UJesu wayekhonzisa kuye ngabomona? Wayembeke izandla na? Impendulo ngethi hatshi; ngempela, uJesu wayengazi lokuthi wayekhona. Yena wenza okokubuzisa ukuthi ngubani owayedonse ugcobo Kuye ngoba wayengambonanga. Ngakho kwakulukhetho lukabani olwamenza wasila lelo langa?

Kahle ngibuze ngenye indlela. UNkulunkulu wakhetha ukumsilisa ngaleso sikhathi kumbe kwakuyisinqumo sakhe ukuba ayamukele okubela kuNkulunkulu? Lo ngumbuzo oqakathekileyo njengoba kulabantu abanengi “abalindele” ukuthi uNkulunkulu enze okuthile empilweni zabo. Ngikholwa ukuthi njengoba uJesu wayengazi lokuthi wayekhona lapho kutshengisa ukuthi kwakuyisinqumo sakhe ukuba ayamukele hatshi esikaJesu ukuba amsilise.

Khathesi, lokhu kuvula esinye isambulo esiqakathekileyo, njalo siyilokhu—uNkulunkulu akakhethi kusilisa umuntu othile ekele ukusilisa omunye nganoma yisiphi isikhathi. Yena usinikile ukuba sifinyelele ukusiliswa ngendawo yethu yomthetho eMbusweni Wakhe. Ngakho eqinisweni, yithi esikhethayo. Kodwa ngifuna ukwazi, yena wawathinta njani amandla lawo? Wathatha njani “isinqumo” sokuba ayamukele? UJesu usitshela kahle indlela eyasebenza lapha ukuba athinte amandla oMbuso. Wathi, “Ndodakazi, ukholo lwakho lukusilile. Hamba ngokuthula.” Umutsho lo usitshela konke esikudingayo ukuze sazi njalo uphendula umbuzo wethu mayelana lokuthi kungani yena wayamukela abanye bonke bengazange bamukele mhla lokho. Njengabososayensi bakamoya, kasiqale ukukhangelisisa indaba le sibone ukuthi singathola yini imikhondo ezasitshengisa ukuthi kungani yena wayamukela.

Okwakuqala, uJesu umbiza ethi “ndodakazi,” okutsho ukuthi

wayengowesizweni sika-Isirayeli. Lokhu kutsho ukuthi wayelesivumelwano loNkulunkulu. Noma usungathi, wayelelungelo lasezulwini njengomhlali wase-Isirayeli ukuba ayamukele kuNkulunkulu. Iqiniso leli kalingeke libe yiso sodwa isizatho esamenza wayamukela njengoba wonke umuntu owayelapho empantshaza uJesu wayelelungelo elifanayo. Kwakumele kubekhona okunye okwayenza amandla ageleza. UJesu usitshela esinye isizatho esisodwa esamenza wayamukela. Eqinisweni, uJesu wathi lesi yiso nta isizatho esamenza ayamukele. Wathi ukholo lwakhe lwalumsilisile.

Ngakho khathesi sesikwazi isizatho esamenza wenelisa ukwamukela. Okwakuqala, kwakulilungelo lakhe ngokomthetho ukuba ayamukele njengoba wayeyindodakazi ka-Abhrahama; njalo okwesibili, ukholo lwakhe lwaba yisilumathiso esavumela ukuba amandla ageleze engena emzimbeni wakhe ngaleso sikhathi. Ukuthi wayeyindodakazi ka-Abhrahama, okutsho ukuthi wayesima phambi kwezulu ngaphansi kwesivumelwano esabekwa nguNkulunkulu ku-Abhrahama, kungaqathaniswa labenhlanganiso yamagetsi abaletha amagetsi lentambo zawo endlini yakho. Kodwa lokho akutsho ukuthi izibane zizakhanyisa. Kumele uthinte isikopela emdulwini ukuze izibane zikhanyise. Ngakho khathesi okumele sikuthole yikuthi isikopela singaphi noma sona siyikuyini. UJesu wathi lukholo lwakhe, kodwa ukholo luyini njalo siluvusa njani? Lo ngumbuzo omqoka okumele siwuphendule.

Luyini Ukholo?

Ukholo libala elikhulunywa kalula ngamaKhristu amanengi. Njalo ngileqiniso lokuthi inengi, nxa kungasi phose onke, awakwazi ukuthi ukholo luyini, lusebenzani, kuzwakala njani nxa ulokholo,

lokuthi lutholakala njani. Nxa ukholo kuyiso isikopela esasilisa umama lo, kutsho ukuthi kumele sikhangelisise ngonanzelelo kulo ukholo! Sithola ingcazelo yokholo KwabaseRoma 4:18-21. O, ngiyazi usucabangani, “Hatshi Gary, KumaHebheru 11:1 yikho okulengcazelo yokholo.”

Ukukholwa yikuba leqiniso lalokhu esikulindeleyo njalo kuqinisekile ngalokho esingakuboniyo.

— KumaHebheru 11:1

Yebo, le yiyo impendulo ejwayelekileyo, kodwa ungawukhangela umbhalo lo, KumaHebheru 11:1 sitshelwa ngenzuzo yokholo, hatshi ukuthi lona luyini. Ngikholwa ukuthi umbhalo wethu oKwabaseRoma uzasinikeza umfanekiso ocacayo wokuba ukholo luyini.

